


HAMBANI NITSHELE

ABAFUNDI BAMi

 Kuyinhlanhla, ngempela, ukuza endlini kaNkulunkulu kulokhu ukusa okusesekuseni, futhi sikhonze iNkosi yethu, uKristu wethu ovukileyo. O, bengi...Ngisanda kungena nje, esikhashaneni esedlule. Sibe nomhlangano wezithunywa zenkolo omangalisayo izolo ebusuku, umbuthano, kwashunyayelwa njalo kwaze kwayothi ngqi sekuya phakathi nobusuku. Futhi sesivukile kulokhu ukusa ukuba sikhonze iNkosi yethu uJesu Kristu. Kumangalisa kanjani ukubuthana ndawonye, ukuhlangana!

² Njengoba uMfowethu Thom ubesho nje, namhlanje bekuwusuku lapho Afakazisa khona ukuthi Wayeyini. Noma ubani wayengafa, kodwa kuthathe uNkulunkulu ukuvusa futhi. Empilweni yaKhe, Wayebukeka njengoNkulunkulu, Wayeshumayela njengoNkulunkulu, Wayephilisa njengoNkulunkulu, Wayenza njengoNkulunkulu. WayenguNkulunkulu. Futhi Wafakazisa ekuseni ngePhasika ukuthi WayenguNkulunkulu. Wayedlula umuntu. Wayengesuye umprofethi, nokho WayengumProfethi. Wayengumuntu olungileyo, kodwa nokho Wayedlula umuntu olungileyo. WayenguNkulunkulu. Futhi ngakho yilolusuku, esikhumbuzweni sokuvuka kwaKhe, ukuthi Wakufakazisa.

³ Besingathatha uhambo kulokhu ukusa, futhi sehle sigudle uMfula iGanges, ubuzofica omama lapho benikela ngezingane zabo ezincane ezingwenyeni ama aligeyitha, izingwenya, baziphose phakathi. Nikhuluma ngobuqotho? Bathatha izibukuthwana zabo futhi bazijikijele lapho benzela ukuba izingwenya zizifohloze phansi. Lobo ngubuqotho obujulile.

⁴ Ukuba besiyi ezansi sedlulela eNdiya, namhlanje, ubuzofica, ngaseceleni kwemigwaqo, abantu abanengi mhlawumbe belele phezu kwezinsinjana ezicijile, behamba bedabula emlilweni, futhi bezihlupha bona uqobo ngenye indlela. Abanye babo, kusobala, benzela ukuhlelisa nje, ngoba kwenzelwa izivakashi. Kodwa emuva kulawomaphakathi nezwe nguyena muntu ngempela olele emuva lapho, ezihlupha yena uqobo, ecabanga ukuthi angathola ukuphumula nokuthula, ekhuleka—ekhuleka kuMohamede.

⁵ Into eyayibukeka iyimbi kabi, ngeliny'ilinga, ngenkathi enyukela eGolgotha, eyongena emzini wase...ephuma emzini waseJerusalema, njalo. Kwakukhona impela kuzo izinkundla zokubethelwa, endaweni yengcwaba likaMohamede,

kwakulele owesifazane phansi kwesixhekana sokhula ayelubeke phezulu lapho, nocezu oludala lwesinkwa esimnyama. Kwase kuyizinsuku elele lapho, ekhalela umphefumulo wothandekayo wakhe owayeshonile; khona impela ezinkundleni lapho isiphambano sasimi khona. Futhi, ngakho, ukubona izwe lisesimweni sobuhedeni!

⁶ Ngangikhuluma noMfowethu Gadus, esikhathini esingaside esedlule, esanda kubuya nje evela eShayina. Wathi, “Mfowethu Branham, kwakuyinto ebukeya iyimbi ukuyibuka, eShayina.” Wathi, “Abanye babo mhlambe izandla zabo ziphakeme ngokuningi ngangeminyaka engamashumi amane, ngesikhathi, izinzwane zaze zakhula ezandleni zabo, zigobele ngemuva. Bethi, ‘Angisoze ngasigudluza isandla sami uze unginike ukuthula emphefumulweni wami, Bhuda omkhulu.’”

⁷ Bese—bese kuthi—ke abaningi babantwana abancane, uma besebasha, bephula izinyawo zabo ekhothamo, *kanje*; futhi bafaka cishe isicathulo esiwunamba thu noma unamba thri; yonke impilo yabo; izinyawo ezimfishanyana, ngoba banikela kunkulunkulu wabo wabahedeni.

⁸ Ngilivakashele ithuna labobonke impela abaqambi benkolo; uMohamede, kanti futhi na—nasethuneni likaBuda, noConfucius, neziningi zezazi zezimfihlo zokudabuka kwezinto zonke ezikhona.

⁹ Kodwa, namhlanje ngaphezu kwakho konke, thina bantu esingamaKristu singaqethuka ngamakhanda ethu bese sicula, “Uyaphila, Uyaphila, uKristu Jesu uyaphila namhlanje. Ungangibuza ukuthi ngazi kanjani ukuthi Uyaphila; Uphila phakathi kwenhliziyu yami.” Futhi sinethuna elingenalutho namhlanje.

¹⁰ Cishe eminyakeni emibili edlule ngangihamba ngiya ethuneni, kusesekuseni ngempela ngokunye ukusa, ukuyobeka imbali ethuneni likanina womfanyana wami, owashonayo, nodadewabo omncane olele ezingalweni zakhe, ngaphandle lapha emaThuneni aseWalnut Ridge. Futhi ngenkathi ngihamba ngakhona, umfo omncane wagqula, kabili noma kathathu, lapho ekhala, eletha isitshanyana sezimbali. Saguqa phansi lapho, sethula izigqoko zethu; sase sizibeka ethuneni, eceleni kwethuna. Ngase ngiphakamisa isandla sami, ngase ngimngaxa.

¹¹ Ngathi, “Billy, nango unyoko nodadewenu omncane. Umzimba wabo ulele phansi kwalapha. Imphefumulo yabo, iseBukhoneni bukaNkulunkulu. Kodwa ngaphesheya kolwandle, ngaleya, kukhona ithuna elingenalutho namhlanje, leso yisikhumbuzo kuwo onke amaKristu. Uyaphila.” Uyaphila. Leso yisisekelo esiqavile sokukholwa kwethu—kwethu thina maKristu, ukuthi uJesu Kristu uyaphila namhlanje.

¹² Manje, njengoba kwakubhaliwe ephepheni... Manje, ngokwejwayelekile, enkonzweni yethu yokuphuma kwelanga

yePhasika, ngokuvamisile siba ne—neculo, noma amabili, bese sibeka isikhathi sethu esiningi kakhulu lapha etabernakele. . . Uma kungahle kube nezivakashi ezikanye nathi, awu, isikhathi sethu esiningi kakhulu lapha siseZwini. Singabantu abakhulu ukukholwa yiZwi likaNkulunkulu. Futhi ngokuqavile, ngicabanga ukuthi, lowo ngumzila futhi leyo yindawo efanele. Futhi namhlanje nginezinye—ezinye izinto ezisemqoka engifuna ukukhuluma ngazo, ngokuvuka, izinto ezinye zangokuqavile. Futhi ngifuna ukubhala ezinye izinto phansi, uqobo lwami, lapho ngiqhubeka.

¹³ Kuqala, asiphenye ngapha emBhalweni, kuMathewu isahluko 24, noma isahluko 22, njalo, futhi siqale ngevesi 41. Ngifuna ukufunda ingqikithi yomBhalo, bese-ke ngiya ngale ekuvukeni. Indikimba yami yenkonzo kulokhu ukusa, ilele lapha. “Kwathi abaFarisi bebuthene ndawonye. . .” Ngiyaxolisa. Ngi—ngiphenye endaweni engesiyo, ekufundeni kwami ingqikithi. Bekuku—bekukuMathewu i—isahluko 23, ngiyakholwa. . . Umzuzu nje. Ngiyaxolisa, lokho, ngingene isikhathi sesihambile izolo ebusuku futhi angangayilungisa kahle nje neze ingqikithi yami, kulokhu ukusa, lapho okutholakala khona ukufundwa komBhalo wami. O, yebo.

*Hambani masinyane nitshela umfundi wami ukuthi
Ngiyohlangana nabo ngale eGalile, . . .*

¹⁴ Kulungile, mnumzane. Manje, uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu wenza umyalo lapha kulaba besifazane abampofu, emva kokuvuka kwakhe, ukuthi Wayezo. . . Ayezokwenza. Wayezobatshela ukuthi Wayezohlangana nabo eGalile, lapho Ayebathembise khona ukuthi—ukuthi Wayezo—Wayezobonakala kubo, nokuthi Wayezoba nabo kuze kube-phakade.

¹⁵ Manje esahlukweni 28 sikaMathewu, njalo, futhi siqale ngevesi 7, siyafunda.

*Hambani masinyane, nitshela abafundi bakhe ukuthi
uvukile kwabafuleyo; futhi, bhokani, uyanandulela
ukuya eGalile; nizakumbona khona: bhokani,
nginitshelile.*

¹⁶ Kwakungumlayezo weNgelosi kwabesifazane, kuMariya no. . . oMariya bobabili. Kwakuse. . . elokuqala iPhasika ekuseni; izindaba ezimnandi kakhulu zazizwakele.

¹⁷ Ngenkathi Esahlala lapha emhlabeni, Wayehamba njengoMuntu, Wayebuka njengoMuntu. Wayenakho konke okwaKhe—ingaphandle laKhe njengoMuntu; nokho ngokwangaphakathi, Wayedlula isintu. WayenguEmanuweli. Namhlanje yisikhumbuzo sesehlakalo esikhulu ukwedlula zonke esezake zenzeka kulo lonke izwe. Wayengakaze abekhona umuntu, ngaphandle kwaloMuntu, uKristu Jesu, Owathi,

“Nginamandla okubeka ukuphila kwaMi, futhi nginamandla okubuye ngikuthabathe.”

¹⁸ UConfucius, yebo, noMohamede, noBuda, abaningi babanye, babeyizazi ezinkulu zezimfihlakalo zezinto nokudabuka kwazo; kodwa, ngenkathi befa, kwaphelela lapho. Baphela ingunaphakade. Babangcwaba, futhi lokho yi...kwaqedwa yilokho.

¹⁹ Kodwa loMuntu wayenamandla okubeka ukuphila kwaKhe nokubuye akuvuse futhi. Okunguyena Muntu owayengakwenza; okunguYena kuphela owayenakho, ukufakazise kanjalo ukuthi Wayengakwenza.

²⁰ Futhi, manje, futhi bekungukwesaba komuntu, kusukela phansi eminyakeni, kwakungukufa. Wonke umuntu ofika ezweni njalo wayekwesaba ukufa. Abakhulu...Sibe noNapoleon, sibe niHitler, yonke into; kodwa uma sekufika ehoreni lokufa, bonke bayashwabana. Ngike ngamuzwa umuntu ekhuluma futhi eqhoshha ngezinto eziyinhamba kabi; kodwa, uma sekufika ekufeni, bona, bonke, bashwabana bagoqane.

²¹ NjengoBob Ingersoll, umphikinkolo omkhulu owaziwayo, ngenkathi ekhipha iwashi lakhe walivezela abafu bakhe, wayesethi, “Uma kukhona uNkulunkulu, ngizofa ngomzuzu, ngokushaya kwaleliwashi elikhulu.” Kwase kuthi, emva kokuba sekwedlule umzuzu, akazange afe. Wenza olukhulu uhleko oluthi “ha—ha,” nezwi, wayesethi, “Niyabo, ayikho into ethiwa nguNkulunkulu.” Kodwa ngenkathi... .

²² Kusobala, lokho kuphela kwakungukugcwalisa umBhalo. UmBhalo wakusho lokho, ukuthi, “Abahleki abahleka usulu bafika ngezinsuku zokugcina,” futhi sinabo.

²³ Ngakho wathi, “Manje, niyabo, ayikho into ethiwa nguNkulunkulu.” Kodwa egumbini lasesibhedlela ngenkathi esefa, lapho abaningi babebuthene khona ukubona ukuthi kwakuzokwenzekani, wampongoloza, “O Nkulunkulu, hawukela umphefumulo wami!”

²⁴ Ubaba wami wayengumngane ondelene kakhulu no... noma, wayengenamngane omkhulu, njalo, nomphikinkolo owaziwayo. Futhi wathi, “Ayikho into ethiwa nguNkulunkulu.” Waqalekisa yona impela imicabango kaNkulunkulu. Umkakhe wayehhuka ikalishana futhi aye esontweni, futhi yena aphume ayolima ummbila wakhe ngeSonto, nayoyonke into, ukukhombisa nje ukuthi yayingekho into ethiwa nguNkulunkulu.

²⁵ Ngolunye usuku, wayesanda kuphanyeka ukolo wakhe nje, futhi washokeka yonke indawo; umbani wawushaya, wawushisa. Waphumela lapho wayesephakamisa isandla sakhe futhi waqalekisa yona impela imicabango kaNkulunkulu. Futhi, ngenkathi ekwenza, wase-ke umbani ushaya isibaya

sakhe lapho ayekade enamahhashi akhe amahle omjaho, futhi wawabulala, onke.

²⁶ Futhi emavikini ambalwa emva kwalokho, wahlala phakathi enemfiva ehambayo ibanga ukushisa nokuqubuka kwezilonda emathunjini, futhi wafa, ngenkathi ubaba wami esiza ngokumbamba amfake embhedeni. Futhi wampongoloza wakhala, odeveli, namaketango bemzongolozele ngawo, wayeza kuye, nakho konke okunye. Futhi ngenkathi ehamba ukuba aphume, wabiza umndeni wakhe wawuqoqela ndawonye, abantwana bakhe abancane. Wathi, “Ningahambi ngendlela ehanjwe nguyihlo. Hambani ngendlela ehanjwa ngunyoko, ngokuba yileiyondlela kuphela yokuPhila.”

²⁷ Ngingebhuku ekhaya, futhi linikeza ubufakazi babanengi umuntu oqamile, njengomkhulu nje. . . omunye wezindlovukazi ezinkulu zase—zaseNgilandi, nabanye babanye umuntu. Ngenkathi sebengena ekufeni, bampongoloza bakhala.

²⁸ UKhwini Elizabeth, waseNgilandi, wathi, “Ukuba nje bengingaba ne. . . Bengizonikela ngombuso wami ukuba bengingaba neminye imizuzu emihlanu yokuphila, ebengingenza ukuphenduka kwami, nenhliziyo yami ilungisane noNkulunkulu.”

²⁹ Omunye umuntu omkhulu owaziwayo, wathi, “Ngingena ebumnyameni. Angazi ukuthi ngiyaphi. Benginga. . .”

³⁰ Nomunye umphikiNkulunkulu omkhulu wakhuluma, wayesethi, “Kubonakala kunezindonga ezimbili, futhi ngimpongolozile, futhi,” wathi, “kuzwakala nje ukubuya komsindo usuka odongeni uya odongeni.” Yilokho kuphela abekuzwa. Wayengalunakanga usuku lwensindiso kwaze kwedlula isikhathi.

³¹ Manje-ke ngicabanga ngamakhulu, amadoda aziwayo afayo, ekholwa yiNkosi yethu uJesu Kristu nokuvuka kwaKhe. Ngicabanga ngo, lapha, ngo—ngo D. L. Moody, ekufeni kwakhe, kushiwo okuningi kakhulu. “Ngani, ngabe ngukufa lokhu na?” Wathi, “Lolu wusuku lwami lokugcotshwa.” Futhi ngacabanga, ngenkathi—ngenkathi uJohn Wesley, ngenkathi efa. Ngenkathi uAbraham Lincoln edutshulwa futhi wayophela ukufa, elele e—endaweni.

³² Ngedlula ngasemnyuziyem, nangale eIllinois lapha, kudala. Ngabona indoda yekhaladi esindala inendingilizana yezinwele ezimhlophe ezizungeze ikhanda layo, ihambahamba, ibuka. Emva kwesikhashana yama, nezinyembezi zehla ezihlathini zayo. Yathi ukuhlehla yase iqala ukusho umkhuleko. Ngayibhekisisa imizuzu embalwa. Ngangihambahamba, nami, ngahamba ngawela ngase ngithi, “Malume, yin’indaba? Ngiquphela ukuthi uyakhuleka.”

Yathi, “Buka, okubekwe laphaya.”

³³ Awu, ngabuka kubekwe laphaya, futhi into kuphela engangikwazi ukuyibona kwakuyingubo. Futhi yathi. . . Ngathi, “Into kuphela engiyibonayo yingubo.”

³⁴ “Kodwa,” yathi, “buka, mnumzane.” Yathi, “Phansi kwebhantshi lami kukhona isibazi sebhande lobugqila.” Yathi, “Futhi lelo yigazi lika-Abraham Lincoln.” Yathi, “Kuthathe igazi lika-Abraham Lincoln ukususa lelobhande lobugqila kimi.”

³⁵ Ngacabanga, “Uma kuxhuxhumisa indoda yekhaladi, ngenxa yalokho okwegazi lika-Abraham Lincoln, ngoba lisuse ibhande lobugqila kuyo; lifanele lisho okungakanani-ke iGazi likaJesu Kristu ekholweni, uma sibheka emuva eKalvari futhi sibone lapho ukuthi Ususe ibhande lobugqila besono ezinhliziyweni zethu, futhi wasikhulula,” ekade sikhuluma ngakho, ebusukwini obumbalwa obedlule. Lingumehluko omkhulu!

³⁶ UAbraham Lincoln, ngenkathi efa, wayenesigcino. Futhi ngenkathi e. . . kodwa ngenkathi edutshulwa lapho, kulelilalabhishobhi elikhulu, futhi wayefa embhedeni wakhe, wathi, “Guqulani ubuso bami bubheke ngasekushoneni kwelanga.” Ilanga lase liyoshona kusihlwa. ULincoln wayephefumula, negazi laliphophoza emaphashini akhe. Wayehlala njalo emethemba uNkulunkulu. Wathi, “Phakamisani izandla zami.” Futhi wasibamba isandla sakhe. Wathi, “Baba wethu OseZulwini, malingeweliswe iGama laKho,” lapho egobisa ikhanda lakhe wafa.

³⁷ UPaul Radar, umngane wami wesifuba, owabhala iculo lami eliyindikimba, *Kholwa Kuphela*; ngenkathi efa ngaleya, wayevele nje wencika ngehlombe lakhe, ikhanda lakho lisehlombe lemenenja yami, uMnu. Baxter. Wayekade eyiqhawe elikhulu owayekade ehamba izilwandle naphesheya kwezilwandle, nakho konke, futhi wayefike waxoveka ngaleya, futhi waxubana nabanye abaqavile, nomlayezo wakhe wamkhathaza nje kwaze kwaba sekufeni. Futhi ngenkathi efa, wayelele egumbini, futhi eseduze kokufa, wayezabalaza esondela.

³⁸ Futhi nakhu ukunqoba kwangempela kwendoda. Njalo wayengoqobayo, uPaul wayenjalo, njengoba abaningi benu babemazi. Babenos'cula ngabane esiKoleni iMoody Bhayibheli ezansi lapho. Futhi babenezisitho zonke zivalile, emafasiteleni, ngenkathi esemuka. Wasukuma, wabuka. Wanikina ikhanda, wayesethi, “Ubani ofayo, yinina noma yimi na?” Wathi, “Vulani lawomakhethini, bese ningiculela amnandi, anokuphila, okuvuka, amaculo eVangeli.”

³⁹ Futhi ngenkathi beqala ukucula kanjalo, wathi, “Uphi umfowethu, uLuke na?”

⁴⁰ Bamletha umfowabo. ULuke wayehamba naye njengoba kwenza umfana wami nami, kanjalonjalo. ULuke wayesegumbini elilandelayo, ekhala. ULuke uyangena; indoda enamahlombe amakhulukazi, cishe niyamazi. Yena noMa Sunday, nabobonke, wayelapho.

⁴¹ Ngenkathi ejika, wabamba uLuke ngesandla, wathi, “Luke, sivela kude sobabili. Kodwa, cabanga ngakho, emizuzwini emihlanu kusukela manje, ngizobe ngimi eBukhloneni bukaJesu Kristu, ngembethe ukulunga kwaKhe.”

Izimpilo zabantu abakhulu zonke ziyasikhumbuza
Singenza izimpilo zethu ziphakame kakhulu,
Nezenhlukano, zisala emva kwethu
Amanyathelo ezinyawo ezihlabathini zesikhathi;

Amanyathelo ezinyawo, mhlawumbe omunye,
Egwedla olwandlekazi olunzima lwempilo,
Lapho umfowethu obhungukile nongumkhumbi ophihlizekile,
Ebona, uyoba nesibindi futhi.

⁴² Ngicabanga ngalena ethi *IHubo LokuPhila*, imbongi enkulu eyiNgisi, uLongfellow, ngenkathi eyibhala. Ngama eduze kwethuna lakhe, lapha ezinyangeni ezimbalwa ezedlule. Ngicabanga ngenkondlo yakhe enkulu nalokho akunika izwe, futhi ngi...Leyo ethi *iHubo LokuPhila* ibingenye yezintandokazi zami. Ukufa njalo kwakungukwesaba. Umuntu wayekwesaba, kusukela le ekuqaleni. Emuva le, kusukela ensimini yase-Edene, umuntu wayekwesaba ukufa.

⁴³ Ngicabanga ngomprofethi omkhulu, uJobe, ngenkathi ehlezi lapho ngalesosikhathi futhi wayazi ukuthi wayesemuka. Wakhuluma ngentshumayelo enkulu lapho, esiyithola kuJobe 14. Ukuthi wayezibhekisisa kanjani izimbali; ukuthi zazifa kanjani zibuye zivuke futhi. Ukuthi wayezibhekisisa kanjani izihlahla; uma sivunguziswa ngumoya, usidilizele phansi, umoya usihlakaze. “Ekufeni, nokho sibuye siphile futhi,” washo. “Ngamathonsi ambalwa a—amanzi, yebo,” uthi, “siyaphila.” Sibhekisisa ezethu—ezethu—ezethu izilwane, kanjalonjalo, njengoba ziphila futhi zife. Yonke into enento enyakazayo ngayo, uma ifa, ayibe isaphila.

⁴⁴ Ngakho uJobe wamangala ukuthi kwenzeka kanjani ukuthi uNkulunkulu wayekwazi ukuthatha imbali futhi ayenze iphile futhi, futhi nokho angaphinde apha yena. Wathi, “Yebo, umuntu uyafa, aphele, futhi uphi na?” Wathi, “Amadodana akhe eza ukumdumisa kepha akakuboni.” Wayesethi-ke, “O, sengathi Ungangifihla ethuneni, ukuba Ungigcine endaweni efihlekile, kuze kwedlule ulaka lwaKho. Ungibekela isikhathi nezibopho,

futhi ngeke ngedlula. Kodwa uma Uzongicina nje endaweni efihlekile kuze kuthi usuku lolaka lwaKho. . .”

45 Khona impela phakathi kosizi lwakhe, khona impela lapho kuseyihora elimnyama ukwedlula onke, kulowomzuzwana obucayi nje, kwaseke kwehla uElihu omncane futhi uqala ukukhuluma kuye; emtshela ukuthi imbali yayingonanga; ukuthi nguye owayonile, nokuthi kuyoba khona ukuvuka. “Ngolunye usuku kuyoba khona OLungileyo Oyofika, owenziwe walinganiswa nalelizwe, nasesimweni somfanekiso kaNkulunkulu, enziwe waba njengomuntu. Uyozethwesa Yena isimo senyama enesono, ngenye indlela, futhi uyoma esikheleni phakathi kothukuthele, uNkulunkulu ongwele nomuntu oyisoni, futhi abeke izandla zaKhe phezu kwabo bobabili bese enza indlela ibe yibriji.”

46 Futhi ngenkathi uJobe ekubona lokho, wayebheke ekuvukeni kweNkosi. Wakubona, Manje qaphelani. Ngeliny’igama, uJobe wayezama ukuthola lokhu, ukuthi, “Ngiyazi ukuthi uma umuntu eya othulini lomhlaba, uvele onakale nje bese eyamuka. Ngiyambhekisisa. Akabuye avuke. Uvele alale phansi nje bese efa, futhi useshonile. Futhi uphi na? Akekho owaziyo ukuthi ukuphi. Kodwa ngiqaphela ezinye izinto zivuka kwezifile, kodwa yena akavuki.”

47 Manje-ke lomprofethi wangena eMoyeni, uNkulunkulu uqala ukumbonisa ukuthi yini eyayizokwenzeka; ukuthi kuyobakhona Othize Oyosusa isono sezwe, aphinde avuke futhi. Wakubona ukuvuka kweNkosi. Manje-ke, ngiyakuthanda lokho, uma ngicabanga. Wathi wasukuma. Wazithintitha.

48 Wayekade ehlezi ezaleni. He! Lokhu esikubiza, namhlanje ngokuthi, ishwa laligadle ekhaya lakhe. Abantwana bakhe babulawa bonke. Ingcebo yakhe yahamba yonke. Impilo yakhe yayibhidlikile. Yena ehlezi, umKristu, noma ikholwa, ehlezi, eshiyiwe. Umuntu, ngisho nasebandleni lakhe, lase limfulathele. Yena ehlezi lapho enwaya amathumba akhe.

49 Kwase kuthi-ke ngenkathi uMoya weNkosi ufika phezu kwakhe, futhi wabona ukuvuka kulokhu ukusa, niyazi, wasukuma, wayesethi, “Ngiyazi uMhlengi wami ukhona, futhi ngezinsuku zokugcina Uyoma emhlabeni. Futhi noma izibungu zesikhumba zibhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu; engiyakuMbona my- . . .” Wayazi ukuthi wayezoMbona ngezinsuku zokugcina, ngoba kuyobakhona ukuvuka, ukuvuka okukhulu.

50 Ngicabanga ngoDavide, ngenkathi eseguga. Njengoba wayeyinkosi enkulu, uNkulunkulu wayefungile kuye, ngokwezithelo zezinkalo zakhe ukuthi wayezovusa uKristu ukuba ahlale ngakwesokunene saKhe. Manje-ke ngibona uDavide, ngenkathi esemdala, eshlela ekupheleni kwendlela yakhe, onke amandla omzimba ayesethi awaphele nje.

Wathi, “Futhi, inyama yami iyakuphumula ethembeni, ngoba Akayikuvuma ukuba ONgcwele waKhe abone ukubola; futhi Angashiya umphefumulo waKhe ehayidese.” Wambona kusengaphambili uJesu, ukuvuka kukaKristu; futhi azi ukuthi umzimba waKhe awuyikuhlala othulini lomhlaba, kodwa ukuthi uyovuka futhi.

⁵¹ Ngicabanga ngoAbrahama emuva lapho ngenkathi uNkulunkulu emhlalisa phansi, wayesethi, “Manje, Abrahama, usugugile, futhi sewedlule ebudaleni, wena noSara nobabili. Kodwa senedlule ebudaleni bokuba nabantwana, kodwa Ngizokunika indodana yesithembiso.” Nokuthi-ke uAbrahama waluthatha kanjani uhambo lwakhe futhi wayongena ezweni lesithembiso, futhi walindela lapho isikhathi sokuba kufike lona obusisiweyo, owayezomela uKristu Jesu.

⁵² Futhi emva kweminyaka engamashumi amabili-nanhlanu yokukholwa lesisithembiso, ngaphambi nje kokuba isithembiso sigcwaliswe, khona-ke uNkulunkulu wabonakala kuAbrahama, futhi wambonisa lokho, ekufeni, Wayezobethela iNdodana yaKhe; futhi, ekuvukeni, WayezoYivusa futhi, futhi aYinike konke. Enze amathunzi ehluleke, yonke into ebilokhu ihlupha umuntu, nokufa, nokuthi ukufa kwakunokwesabeka okunjani, kwakuyohluleka, ngenkathi sebebone lokhu.

⁵³ Futhi Unikeza uAbrahama omdala ukukubona kungakenzeki, futhi Wedlula wadabula kulezizingcezu zezilwane ayezisikile. Lapho, sikuthathe nje khona emavikini ambalwa edlule, noma ngeviki ledlule, njalo, noma evikini langaphambi kweledlule, ezinkonzweni zethu; ukuthi Wakwenza kanjani lokhu ukuKhanya okuncane, okwabe kunguNkulunkulu, kwadabula kulezi, kuqinisa isifungo sesivumelwano.

⁵⁴ Wase-ke ephenduka ebusisa uAbrahama; futhi indoda endala, enekhulu leminyaka ubudala, nowesifazane enamashumi ayisishiyagalolunye, baphenduka babuyela ekubeni yinsizwa nentombi futhi, futhi bazala i—indodana, uIsaka. Okungukuthi. kuye, kuvela iNzalo ka-Abrahama. KuAbra- . . . Kulokho, kuvela uIsaka, kufika uDavide; kuDavide kufika uKristu; kuKristu kufika ukuvuka kwabafileyo. Isithembiso esihle kakhulu kangaka pho! Ukuthi uNkulunkulu kusukela phansi eminyakeni wazibikezela kanjani zonke lezizinto!

⁵⁵ Manje-ke, ekugcineni, futhi njengoba sithathile ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, okwesendlalelo, ukuthi kukanjani ukuthi bonke abantu, bonke abaprofethi beTestamente eLidala, bayikhomba indawo yabo yokumbelwa.

⁵⁶ Namhlanje uyoya emangwabeni, iningi lenu, nibeke izimbali kwabathandekayo benu, noma emathuneni abo.

⁵⁷ Manje bhekisisani lokhu. Bonke abaprofethi basendulo, bengenamBhalo abangahamba ngawo, njengoba sinawo, noma yisiphi isithembiso saPhezulu sikaNkulunkulu, ukuphela singobuholi bukaMoya oNgwele. “Amadoda asendulo, njengoba ayeholwa nguMoya oNgwele, aloba iZwi likaNkulunkulu.” Ngamunye wawo, ngenkathi efa, akhomba ukuthi ayefuna ukumbelwa ePalastine. Ayengafuni ukuba. . . Afela ngaphandle kwasePalastine, amaningi awo, kodwa ayefuna ukumbelwa ePalastine ngoba uNkulunkulu wanikeza ulibo lokuvuka ePalastine.

⁵⁸ Kwase kuthi ngenkathi kufika uJesu, futhi benze kuYe abathi babezokwenza. Ngenkathi ezalwa eBetlehema, Wangena ngendlela yomnyango wasesitebeleni, waphuma ngesijeziro sokubulawa. Ngenkathi Eselapha emhlabeni, Akazange alwenze uhambo lwemayela elingamashumi amahlanu empilweni yaKhe. Akazane aye ndawo; ukujikeleza iPalastine, nokho uMlayezo weVangeli laKhe uhambe kulolonke ufa nekhona lezwe.

⁵⁹ Akazange alobe-Ncwadi empilweni yaKhe; nokho iNcwadi, yayilotshwe ngaYe, ithengise ukwedlula zonke izincwadi eminyakeni yonke, iBhayibheli. Kepha nokho, phakathi lapho, Akazange abe ne. . . Akazange aye ekholiji empilweni yaKhe, kepha nokho kube namakhholiji amaningi kakhulu akhelwe ukuhlonipha Yena kunoma—kunoma yiyiphi enye into ebiphezu kobuso bomhlaba, kumbe noma yiliphi elinye igama kumbe noma yimuphi omunye umuntu. Akazange aye kude kakhulu. Wayephila ethobile, impilo ephansi. Wayenziwa inhlekisa, ebhuqwa, ehlekwa.

⁶⁰ Futhi Washo ukuthi Wayenamandla okubeka ukuphila kwaKhe, namandla okukuvusa. Noma yimuphi umuntu angaqhosha ngalokho, noma ubani angakwenza. Kodwa Wawufakazela umbango waKhe ngenkathi Evuka ekuseni ngePhasika.

⁶¹ Ngenkathi, begwaza izandla zaKhe, nezinyawo zaKhe—nezaKhe, nasohlangothini lwaKhe; nomqhele wameva ekhanda laKhe. Futhi Wafa, ngaleya, ekhalela umusa, eKalvari. Ngenkathi esesemhlabeni, Wayebukeka njengomuntu futhi Waziphathisa okomuntu. Futhi ngenkathi Efa eKalvari, Wakhalela umusa, njengomuntu.

⁶² Kodwa ngenkathi Evuka, ekuseni ngePhasika, Wafakazisa ukuthi wayedlula umuntu. WayenguNkulunkulu. Wayenamandla okubeka ukuphila kwaKhe.

⁶³ Manje, into yokuqala, ekuseni, iqembu elincane labafundi lonke babedabukile. Babengazi ukuthi kwakwenzekeni. Abanye babo babefuna ukubuyela emuva emanethini abo okudoba.

⁶⁴ Manje njengokukubona kungakenzeki ukuthi lokho kufa kwakuyini, nokuthi ukufa kwakukubi kanjani, nakubaqambi kusukela phansi enkolweni yethu yobuKristu, ukuthi

izithembiso sasinikelwa kanjani kusukela phansi kulaba okhokho engibashilo kulokhu ukusa. Manje asize sehlele ekhaya ngqo, lapho okukhona.

⁶⁵ Lababafundi abancane, emva kokuba be... iviyo elincane elalizondwa ekuqaleni. Babengenabo abangane abaningi kulomhlaba.

⁶⁶ Futhi noma yimuphi umuntu okhonza uJesu Kristu ngeke abe nabangane abaningi balomhlaba. Uzofanele ume kulokho okholelwa kukho wedwa. Izikhathi eziningi uzofanele uzimele ngesingawe, kodwa Wethembisa ukuthi Uyoma nawe. “Ngiyohamba nani ngisho nasekupheleni.”

⁶⁷ Futhi manje, ngenkathi ngisaMbona, ake sikubuke. Wayekade esusiwe, babelindele, ngoba Wayekwazi ukwenza izimangaliso. Wazisho ukuthi Akenzanga lutho, ngokwaKhe, kodwa lokho uBaba ayeMbonisa khona. Kodwa Wa—Wayengosebenza izimangaliso. Futhi ngenkathi Enikelwa ezandleni zikaPilatu, babekulindele kanjani ukubona uMesiya kaNkulunkulu ehlubulwe konke, nezingubo zaKhe, futhi ame lapho; futhi eshayiwe, walinyazwa waphihlizwa, wafohlozwa, futhi wafelwa ngamathe, futhi engawuvuli ngisho nomlomo waKhe futhi ukuba asho utho ngakho. Lokho kwakubadabukisile.

⁶⁸ Yena impela uMuntu Owayekwazi ukwelula isandla saKhe, futhi athi, “Thula,” nemimoya namagagasi kwaMlalela.

⁶⁹ LoWo Owayekwazi ukumisa udwendwe lomngcwabo, futhi abeke isandla saKhe phezu kwebhokisi lomngcwabo ikhaskhethe, futhi athi, “Nsizwa, Ngithi kuwe, vuka,” futhi ivuke.

⁷⁰ Lowo Owaya ekhaya elidabukile, lapho indodakazi eyayisanda kufa nje; uJayiru, umpristi omncane owayezihlalela noJesu, futhi waba yikholwa. Futhi Wahamba wangena, wathi, “Nikezani ukuthula, ngoba intombazana ayifile; ilele.” Impela babefanele babezokwazi. Impela kukhona okwakukhona lapho. Wahamba wangena, wayibamba ngesandla; wayibuka, wayesethi, “Ntombazana Ngithi kuwe, vuka.” Nentombazane eyayisifile, nomphefumulo wayo ungasekho, yama ngezinyawo zayo futhi yabuye yaphila.

⁷¹ Ukuthi Waya kanjani ethuneni likaLazaru, ekhala njengomuntu, izinyembezi zehla ezihlathini zaKhe, lapho Ekhala izinyembezi futhi wama lapho. Nomuntu owayesenezinsuku ezine afa, nezibungu zesikhumba zivingoza zingena ziphuma emzimbeni wakhe. Kodwa siMbona ephakama ngomzimba waKhe omncane *kanjalo*, wathi, “Ngingukuvuka nokuPhila. Okholwa yiMi, noma efile, wophila. Ophila akholwe yiMi akasoze afa.” Kucabange. “Ophila akholwe yiMi akasoze afa.”

⁷² Ithemba elinje esinalo kulokhu ukusa, manje-ke, uma sivakasha emathuneni ethu, kwabathandekayo bethu! Ithemba elinje pho kulenyama esazokufa, namhlanje, njengoba uMoya oNgwele ufakaza, “Uyaphila! ‘Akasoze afa; unokuPhila okuphakade.’” Nokho sithwala imizimba phezu kwethuna labangwele kakhulu bethu, kodwa ngaphakathi bayaphila. Bayaphila ndawo ndawo.

⁷³ Ngenkathi Ema, wathi, “Ngingukuvuka nokuPhila,” futhi kwakukhona umuntu owayelele lapho. Wathi, “Susani itshe.” Nokonakala komzimba wakhe, lelophunga lomzimba womuntu, niyalazi ukuthi linjani. Ngenkathi belivusa, ngani, kwakuyiphunga eligulisayo ngalapho. Kodwa Wakhuluma kakhulu, futhi wathi, “Lazaru, phuma!” Nomuntu owayesenezinsuku ezine afa, wavuka ethuneni.

⁷⁴ Ukuthi babembona kanjani lowoMuntu enalohlobo lwamandla, elenga eKalvari, nokukhulu ukubhuhqwa, imilomo yezikhwehlela zamabutho, ayehlekisa ngaYe, zijuza entshebeni yaKhe; ngenkathi beMhluthula intshebe ebusweni igcwala izandla, futhi beMshaya ekhanda, futhi bathi, “Profetha futhi usho ukuthi ubani oKushayayo!” Ngenkathi bebona izipikili zamaRoma zibethelwa ezandleni zaKhe nasezinyaweni zaKhe, babengambona kanjani uMuntu onjalo efa na? Ngoba, uNkulunkulu udinga ukwahlulela, noKristu wathatha ukwahlulelwa kwethu.

⁷⁵ Badumala kakhulu! Base behambe babuyela emanethini abo okudoba. UPetru wathi, “Ngiyakodoba.” Abafundi bathi, “Ngizohamba nawe nje.” Bakwenza. Babedabuke baphela, bedumele.

⁷⁶ Lapho bathatha umzimba waKhe bawehlisa, baWusonga ngelineni elithize, base beWubeka ethuneni.

⁷⁷ Futhi bathi, “Lokho ngukuqedwa kwalolohlanya.” Izwe lalimelene kakhulu kanjani naYe! Bathi, “Wayewumgingiqi ongwele. Wayehlanya. Waye—Wayewuhlanya, kanjalonjalo.”

⁷⁸ Kodwa wathi WayenguNkulunkulu. Wayebukeka njengaYe. Wayenza njengaYe. Wafakazisa ukuthi WayenguNkulunkulu. Kunjalo.

⁷⁹ Owesifazane wathi, esikhathini esingeside esedlule, njengoba ngike ngakusho lokhu izikhathi eziningi. Wathi, “Wayengengangaye uNkulunkulu, Mfowethu Branham.” Owesifazane weSayanse yamaKristu, wathi, “Wayengumuntu kuphela.” Wathi, “Wayengumuntu nje.”

⁸⁰ Ngathi, “Wayedlula umuntu. WayenguNkulunkulu.” Ngathi, “Kuphakathi kokuthi wayenguNkulunkulu noma umkhohlisi.”

⁸¹ Wathi, “Awu, ngoba Wakhala ethuneni likaLazaru, Wafakazisa ukuthi Wayengelutho ngaphandle kokuba ngumuntu.”

⁸² Ngathi, “Ngenkathi ekhala, Wakhala njengomuntu. Kodwa ngenkathi Evusa ofileyo, Wafakazisa ukuthi WayenguNkulunkulu. Kunjalo.” Ngathi. “Ngenkathi Elambile, Wayelamba njengomuntu.”

⁸³ Kodwa ungathini nje umuntu emi ezungeze isihlahla somkhiwane, ezama ukuthola into ethize angayidla; futhi izinsuku ezimba lwa kamuva, babutha amabheskidi ambalwa, cishe amabheskidi amabili, nezincezu ezimbili zikafishi, futhi wapha izinkulungwane ezinhlanu!

⁸⁴ Awubheke nje umuntu emi eKalvari, elenga lapho phakathi kweZulu nomhlaba, ekhala, “Ngomile, Ngomile”; futhi waphendula ngisho amanzi aba yiwayini! UMdali impela wa—wamanzi, emi lapho, ememeza efuna amanzi!

⁸⁵ Uba yisono ngenxa yethu, ukuze thina, ebuphofini baKhe—ebuphofini senziwe sicebe. Yena, ekufeni kwaKhe, Wafa njengesoni; yithina labo, ekufeni kwethu, sife amadodana namadodakazi kaNkulunkulu.

⁸⁶ Ngicabanga umehluko ongaka phakathi kokufa okuningi. UDaddy Hayes omdala ezansi lapha, ngenkathi efa, wabizela abantwana bakhe eceleni kombhede. Futhi lapho wayekade equleke isihlwathi izinsuku ezimbili noma ezintathu. Wayenesaga, wathi, “Zithandwa, awubusiswe umphefumulo wami!” Waye konke... Wabizela abantwana bakhe eceleni kombhede. Ende, emhlophe intshebe egelezayo; wathi, “Zithandwa, awubusiswe umphefumulo wami! Benicabanga ukuthi uDaddy Hayes ubesafa.” Wathi, “Angisoze ngafa. Ngoba uJesu uyaphila, nami ngiyaphila.” Futhi lapho wabusisa ngamunye wabantwana bakhe.

⁸⁷ Wathi, “Phakamisani izandla zami.” Wayengasakwazi ukuphakamisa izandla zakhe. Futhi omunye wabafana bakhe waya ngakwelineye icala, waphakamisa *lesosandla*, omunye waphakamisa *lesosandla*. Uqala ukucula. Lapho amehlo akhe eqala ukubheka ngaseZulwini, wathi, “Usuku lwenjabulo, usuku lwenjabulo, selokhu uJesu ahlanza izono zami! Wangifundisa u—ukukhuleka nokuhlala ngijabula nsuku zonke.” Wayesevala amehlo akhe, wayesemuka ukuyohlangabezana noNkulunkulu. Nginyanitshela, yileyondlela engifuna ukuhamba ngayo. Yileyondlela. Mangifele kuJesu Kristu.

⁸⁸ Kwathi-ke abafundi baKhe sebekubonile lokho, zonke izindumalo nakho konke, a—a—a Yenazo, kubukeka kunjalo, zazibenzele phansi. Bonke baqala ukubuyela emuva, bedoba. Omunye wabuyela emsebenzini wakhe, nomunye wabuyela emuva *ngapha*.

⁸⁹ Manje sifuna ukuqala kulokhu ukusa ngethuna elakhiweyo. Kwase kuthi emva kokuvuka kwaKhe, uMariya, uMarta, noMariya—uMariya Magdalena, noMariya unina kaJesu...

Kwakussekuseni ngokunye ukusa. Bagcina umzimba waKhe emhlabathini, ngeSabatha, okwakuyisiko ukuthi babengenzi lutho ngosuku lweSabatha. Ngakho Wafa ngoLwesihlanu ntambama, ngelesithathu nqo, futhi wavuka ekuseni kakhulu ngeSonto ekuseni.

⁹⁰ Manje ngifuna ukuxazulula lombuzo, niselapha kulokhu ukusa kulenkonzoko yokuphuma kwelanga. Abantu abaningi uthi, “Kwenzeka kanjani pho ukuthi Wayethe Wayezobeka... Wayesethuneni, izinsuku ezintathu nobubusuku na?” Akazange asho ukuthi Uyokwenza lokho.

⁹¹ Wathi, “Phakathi nalezizinsuku ezintathu Ngiyovusa umzimba waMi.” Niyabo? Manje, isizathu sokuba Enze lokho yingoba uDavide wayethe, endaweni eyodwa emBhalweni, “Angiyikushiya umphefumulo waKhe ehayidese, Angiyikuvuma ukuba ONGcwele waMi abone ukubola.” Futhi Wayazi ukuthi ukubola kungena emzimbeni womuntu emva kwamahora angamashumi ayisikhombisa-nambili, izinsuku ezintathu nobusuku. Futhi ngesinye isikhathi phakathi nalezizinsuku ezintathu nobusuku, uNkulunkulu wayezoMvusa. Ngakho Wafa ngoLwesihlanu ntambama ngelesithathu nqo, futhi wavuka kusesekuseni ngeSonto ekuseni.

⁹² Manje ake sithathe umdlalo wasesiteji omncane khona lapha futhi sime umzuzwana futhi sibhekisise. SengiyaMbona, ubusuku bonke nje. UMariya omdadlana bandla, umama inhliziyiyo yakhe yayidabukile. Umprofethikazi uAna wamtshela ukuthi wayezodatshulwa, ukwembula izizindlo zabaningi. Ukuthi umzimba waKhe wahlushwa kanjani, neNgane yakhe uqobo ethandekayo ilenga esiphambanweni, nehlaho elingaka Ayelilethe ebandleni. Kodwa nokho, enhliziyweni yakhe, lolothando lukamama lwalwelulekile; kwakukhona... akunanadaba ukuthi Wayenzeni, ihlaho elingakanani. Wafa, isijeziso sokunqunyelwa ukufa, njengesi—isiboshwa namhlanje ebesingaphumela lapho, ukuba silenge, noma sibulawe ngogesi, noma okuthize. Yileyo ndlela Afa ngayo, ngamahloni nehlaho. Niyabona ukuthi uNkulunkulu wasijezisa kanjani isono na? Nokuthi-ke wayekhale kanjani owesifazane izinyembezi, cishe ubusuku bonke! Futhi yena no... .

⁹³ UMariya Magdalena, wayewazile amandla aKhe. Wayazi ukuthi kwakukhona okuthile ngaYe okwakwehlukile kunoma ubani omunye. Wayenamademoni ayisikhombisa ekhishiwe kuye.

⁹⁴ Noma yimuphi umuntu oke wakhululwa edemonini, ngamandla kaJesu Kristu, uyazi ukuthi bami kuphi. Akekho ongake eze, nasebuKhoneni bobuNkulunkulu baKhe obukhulu, ongaphinde abe ngumuntu ofanayo akade enguye futhi. Usu—u usuguquliwe. Kukhona into eyenzeka kuwe. O, ungamela kude, nenjulamqondo, nokucabangela *kulokhu* nokwemukela

lokhu, into ethize, nemicabango eminye engenabufakazi, noma yinto efana naleyo. Kodwa asikholelwa esayenseni yezenkolo. Sikholelwa emandleni okuvuka kukaJesu Kristu. Futhi uma ungena eBukhoneni baKhe, kukhona into eyenzeka empilweni yakho, ekugugulayo. Futhi awuphindi ufane futhi, umuntu oke waba seBukhoneni bukaKristu.

⁹⁵ Ngakho wayenamademoni aqisikhombisa ayekhishwe kuye. Ukuziqhenya, nomona, futhi wayecabanga, ukuthi wayebukeka kahle kakhulu futhi akekho owayenjengaye. Kodwa ngenkathi uJesu ekhuluma futhi wathi, “Hlambuluka,” konke lokho kwaphuma kuye. Uba ngumuntu omusha. Akabange esabukeka kakhulu, ngokuzibuka kwakhe. Kodwa wazisonga ngengubo yokuthoba nobumnene, wase elandela iNkosi. WayeYithanda.

Kwase kuthi ekuseni ngePhasika sengiyambona.

⁹⁶ Abafundi baKhe babephumile, bedonsa isikebhe sezinhlanzi; abanye babo. Abanye babo beya ekhaya. Nabanye behamba ngezindlela ezahlukene; bebuyela emisebenzini yabo abayinikiwe.

⁹⁷ Kwase kuthi-ke ekuseni kakhulu impela, sengiyambona uMariya umama, noMariya Magdalena, beqala ukwenyuka ummango, ukuba bakhuphukele ethuneni. Babenamakha nezinto. Babefuna ukugcoba umzimba waKhe bese beyaMsusa.

⁹⁸ Futhi, ngakho, lapho benyuka igquma, sengathi ngiyabona bebuka esinye isenzeko. Ake sibuke ngapha.

⁹⁹ Sengiyasibona isigejane samabutho simi lapho. Ayekade eshova amaphepha, ubusuku bonke, noma—noma ejikijela idayisi, noma edlala ngedayisi lawo, i—i—idayisi enhlabathini. Futhi ayekade eziqhubekela. Amanye awo athi, “Ake nisho, niyamkhumbula lowayamkhohlisi? Wathi, ‘ngezinsuku ezintathu’ Wayezovuka. Ngakho manje ake sibone nje. Asenyukele ethuneni.”

¹⁰⁰ Futhi sengiyawabona enyukela lapho futhi ezishaya izifuba, futhi ephosa izikhali zawo *kanjalo*, nenkemba yamaRoma; ethi, ake nisho, “Sizobona ukuthi Angenzani!” Ngoba, ithuna elakhiwe lalinanyekwe ngophawu, uphawu lwamaRoma; maye kulowo owephula lolophawu. Itshe libekwe lapho, elalithathe ikhulu lamadoda; okungukuthi amadoda ayikhulu alingingqela phezulu lapho, itshe elikhulukazi ababelingqela balenyusela ethuneni elakhiweyo futhi. Ake nisho, “Uphakathi lapho, kuningi kakhulu ukuphepha!” Futhi babenesikhathi esikhulu.

¹⁰¹ Kodwa beza, kwase kucishe kuse impela manje, lapho uMariya...lapho beza benyukela ngasegqumeni. Futhi kukhona abesifazane ababili abancane, bephume kusesekuseni, mhlawumbe begaxene, behambisana. O! O, sengathi cishe impela ngiyakubona, ukuthi babehambisana kanjani begudla igquma. Futhi sengiyamuzwa uMariya, umama, ethi kuMariya

Magdalena, “Awusho, ubani ozosusa itshe ethuneni na? Kuzoba yini na? Sizokwenza kanjani lokho na?”

¹⁰² Awu, sengiyamuzwa uMariya ephendula, “uNkulunkulu uzokubheka lokho.”

¹⁰³ Leyo yiyonanto enkulu. Akunandaba... Abantu bathi, “Ngizokwenza kanjani *lokhu* noma *lokho*?” UNkulunkulu uzobheka. Wena qhubeka nje, niyabo. UNkulunkulu uzokubheka konke okunye.

¹⁰⁴ Kwase kuthi-ke, khona manjalo, sibona zonke izinkanyezi ziqala ukufiphala. Nento yokuqala niyazi, kukhona inkanyezi eyodwa esasele, leyo ngenkulu, inkanyezi yokusa ekhazimulayo emi ngaleya.

¹⁰⁵ Sengiyaqaphela ukuthi yonke into ikanjani, namabutho ehleka futhi ehlekisa. Ethu, “Manje niyabo, sekusile. Akukenzeki lutho namanje.” Futhi babeqhubeka, bathi, “Niyabo wayengumkhohlisi nje. Wayengumuntu nje njengenqwaba yalababakhohlisi abaqubuke kulezizinsuku, nezinye izinsuku futhi benze lezizinto, kodwa manje-ke . . . noma benza lizizisho.”

¹⁰⁶ Kodwa manje-ke, khona manjalo, sengathi ngiyazibona izinyoni ezincane, amarobini, eyeka ukukhala. Izinyoni zayeka ukukhala. Imbongi yathi, “IPhimbo laKhe limnandi kwaze kwathi ngisho izinyoni zathula ukukhala kwazo.” Kukhona into eyayizokwenzeka.

¹⁰⁷ Sengiyayibona iNkanyezi yoKusa enkulu ilenga ngaleya engoxweni yaYo, Eyayikade yalenga lapho selokhu kwaqala isikhathi, iqala ukuhamba. SengiyaYibona ishaya indingilizi. UMariya, bona, beYibhekisisa. Yenzani na? YiNgelosi, futhi Iqalaza ithuna lapho ababeMbeke khona. UmBhalo wase ulungele ukugwaliswa.

¹⁰⁸ Mfowethu, dadewethu, noma yinini lapho umBhalo kaNkulunkulu osulungele khona ukugwaliswa, ungakhathazeki, Uyobakhona lapho.

¹⁰⁹ Sengiyayibona leyoNkanyezi ithatha uhambo lwaYo, ihamba izungeza. Sengiyawabona amaRoma emi lapho, ikhulu lawo, enamandla, nezinkemba zawo zihoshiwe, ethu, “Manje sizobona ukuthi kwenzekani!”

¹¹⁰ Futhi, khona manjalo, lelibhola loMlilo elikhulu liza lindiza livela eZulwini, lama ngasethuneni. Futhi Laphenduka laba yiNgelosi enamandla kaNkulunkulu Eyama lapho. Amabutho aquleka futhi awa njengamadoda afileyo, emhlabathini. Nokuthinta kalulana nje kwesandla saYo, Yalisunduzela emuva, itshe elalibekiwe; yephula uphawu lwamaRoma.

¹¹¹ Luchaza ukuthini uphawu lwamaRoma kuYo na? Akwehlukene nokungachazwa wuphawu lweUnited States, kumbe noma yini enye, noma uphawu lwebandla elithize, kumbe

noma yini enye. UNkulunkulu uzofanele aphile. Uzofanele aphume. Angeke aphila phakathi kwabafileyo.

112 Ngakho Ilisunduzela emuva itshe, futhi lagingqikela emuva. Futhi Yama lapho. Manje Ubani osephethe izintambo na? Amabutho edumela izihlangu zawo nezinto, futhi egijimela ukufa nokuphila, ehla edabula engadini, ehla phezu kwegquma; nokukhenceza kwempahla yawo, insimbi yawo eyayikuwo, izihlangu zawo nezinto.

Futhi nango Emile, yedwa. Emva kwesikhashana, uMariya wathi . . .

113 Kwabakhona okukhulu ukuzamazama komhlaba ngenkathi kwenzeka lokho, lokho kwamazamisa wona impela umhlaba ngalokho kusa. Omunye uthi, “Angazi noma kukhona yini okuqhumile ndawo ndawo. Kwabakhona i . . . Cishe kubekhona u—ukuqhuma ndawo ndawo, kombani, noma into ethize ishaye umhlaba.” Kodwa, kwakuyikho, uJesu wavuka kwabafileyo.

114 Kwathi-ke ngenkathi sebehamba beya ethuneni elakhiwe, uMariya noMarta, bayibona iNgelosi imi lapho. Yathi, “Hambani nitshele abafundi baKhe ukuthi Uyabandulela ukuwelela eGalile, futhi lapho Uzohlangana nabo. Bhekani, Nginitshelile. Hambani masinya manje, futhi nitshelile abafundi ukuthi Uzohlangana nabo njengoba Asho nje ukuthi Uyohlangana nabo.”

115 O, uma ngicabanga ngalokho! “Ozwa amaZwi aMi akholwe NgoNgithumileyo unokuPhila okuphakade, futhi Ngiyakumvusa ngezinsuku zokugcina.”

116 “Bhekani, Nginitshelile.” Izingelosi zaKhe ikusabalalisile ezweni lonke, ukuthi, “Noma ubani oyolokotha azidele, athabathe isiphambano sakhe aMlandele, Uyohlangabezana nawe ekuvukeni.” Kunandabani uma sifafaza izimbali phezu kwethuna, uma sithi, “umlotha emlotheni, nothuli othulini na”? Lowomzimba uqinisekile impela ukuthi uvuke ethuneni njengoba ekhona uNkulunkulu waseZulwini. “Bhekani, nginitshelile.”

117 Ake siqaphele. Nakhu kuhamba ababili babafundi baKhe manje. Basendleleni.

118 Futhi abanye babo baphuma bayodoba. Futhi ngakho uJesu wayemi ogwini, futhi Wabheka ngaphandle, Wase ebona ngaphandle lapho. Futhi Wathi, “Bantwana, ninaso isinkwa na?”

119 Into yokuqala Ayisho kubo, wathi, “Phosani inetha lenu ngakwelinye icala.” Babedobe ubusuku bonke, bengabambanga lutho. Kungaleyondlela-ke; nidoba ngasohlangothini okungesilo lwalesosikebhe. Ngakho uJesu wathi, “Phosani inetha lenu ngakwelinye icala.”

¹²⁰ Kwase kuthi-ke ngenkathi bephosa inetha labo ngakwelinye icala, futhi badonsa kanjalo, he, kwakukhona izinhlanzi eziningi kakhulu ngangokuthi ngisho amanetha abo acishe agqabuka impela.

¹²¹ NoPetru uqala ukuqalaza, wathi, “Munye kuphela uMuntu obengenza lokho.” Futhi wabheka emuva ogwini, futhi nango Emi; isinkwa nenhlanzi emlilweni, isibalungele. UPetru akabange esalindela ukuba kufike isikebhe. Wavele nje wagxumela emanzini, futhi wasuka wahamba, ukuyoMhlangabeza. Wadingeka ukuthi asheshe.

¹²² O, ngifisa sengathi sonke isoni ezweni besingaba njalo, namhlanje. UPetru wayeMphikile ezansi lapho. Waphuma wakhala izinyembezi, kamuncu. Wayesekhuleke waqeda. Wayefuna ukuhlangana noJesu. Wayefuna ukwehlela lapho ukuze akwazi ukuwela ezinyaweni zaKhe.

¹²³ Kwakukhona abangathi babili ogama, omunye wabo nguKleyophase, kanjalonjalo. Babesindleleni bebheke e-Emawuse. Futhi babehambisana, izinhliziyi zidabukile, zephukile. Futhi babehambisana, bekhuluma ngakho, o, kwakukubi kakhulu. Futhi khona manjalo, Omunye waphuma ehlathini; uMuntu ojwayelekile, Engabhekise-khololo emuva, kumbe noma yikuphi ukugqoka okwehlukile.

¹²⁴ Wayegqoke njengomuntu wonke. Wayelungisa izinwele zaKhe nentshebe yaKhe njengoba kwakwenza bonke nje abanye. Akazange...Wayengahluke ngalutho. Akenzanga-mehluko omkhulu. Ukuphila kwaKhe kwazifakazela izincwadi zaKhe ezimchazayo, lokho Ayeyikho. Futhi yilokho uNkulunkulu afuna sibe yikho; ufuna ukuphila kwethu kube yizincwadi zethu ezisichazayo. Kunjalo.

¹²⁵ Futhi useqala-ke ukuhambisana. Wathi, “Bazalwane, ninyukumaleleni kangaka na? Futhi yingani nikulengxoxo na?” O, ngiyakuthanda nje lokho!

¹²⁶ “Ngani,” bathi, “wena Uyisihambi yini kulendawo, Mnumzane na? Ngani,” wathi, “lonke izwe lidabuke laphela. Futhi nathi silapha,” wathi, “sisindleleni yethu, sibuyela ekhaya.” Wathi, “Ngani, uJesu waseNazaretha, umProfethi, besicabanga ngempela ukuthi Ubezoba yiyo, uma Efika, ukuthi Ubezoba yiNkosi kaIsrayeli. Futhi manje Usefile, futhi bamMbele. Futhi baMgwaze enhliziyweni. Futhi baMsusile.” Futhi bathi, “Ngisho nalolu sekulusuku lwesithathu selokhu kwenzekile konke, selokho Ebulewe.” Futhi bathi, “Abanye besifazane ubesezansi ethuneni futhi—futhi babona umbono weziNgelosi, futhi babuya base bethi Uvukile. Kodwa,” bathi, “o, asiyikhawanga leyondaba. Siyaqhubeka nje.”

¹²⁷ Ngakho behambisana lapho, Wathi, “Ziwula, nenilibebe enhliziyweni, niyabo, ukuba ningakholwa konke lokho abaprofethi akushilo okuqondene noKristu, ukuthi Ufanele

ahlupheke kanjani, bese evuka futhi ngosuku lwesithathu. Awu, nilibele kangaka pho!”

¹²⁸ Bukani ukuthi kuhle kanjani! He! Bukani lokhu, uKristu phakathi kwababenyukumele futhi bedabukile! Uyalapho-ke, phakathi kwalabo odabukile nophuke umoya.

¹²⁹ Babehambisana ngehora elimnyama ukwedlula onke abake bawabona. Onke amathemba abo ayeseshabalele. Babekhishelwe ngaphandle ebandleni, amasinagoge, ngoba bakholwa nguYe. Futhi manje Yena, Ababethembele kuye, wayesefile. Nabanye besifazane babefike nendaba encane mayelana nombono, babebone iziNgelosi, “Nitshela abafundi baKhe ukuthi Uyohlangana nabo eGalile.” Kodwa, o, nje u... Abakukholwanga lokho. Babedabukile futhi benyukumele, bekhala. Futhi lapho Jesu othandekayo uyaqhamuka, phakathi kwabadabukile.

¹³⁰ Enye into, kwakuyiPhasika ekuseni. UJesu, ukuvuka kokuphila konke, wayesephila futhi phakathi kwesikhathi sasentwasahlobo, phakathi kwezinyoni ezishaya ikhwela, phakathi kokuqhuma kwezimbali ezintsha. UJesu ovukile wayesesikhathini sasentwasahlobo, futhi, ukufika koku—kokuvuka.

¹³¹ Ukuthi Wayehambisana kanjani nabo, futhi uqala ukukhuluma nabo, ebatshela. Wathi, “Awu, manje, benifanele nikholwe okushiwo ngabaprofethi. Benifanele nikholwe, kukho konke lokho imiBhalo obulotshiwe, okuqondene noKristu; ukuthi Umele ahlupheke kanjani, futhi avuke futhi ngosuku lwesithathu, kanjalonjalo.” Awu, babedabuke kakhulu.

¹³² Emva kwesikhashana, emva kokuthi Eqala ukukhuluma, kwakukhona okuthize ngaloMuntu owakhuluma okwehlukile kancane kwabanye abantu. Wayengesuye umuntu osemgqeni wesilinganiso sabantu. Kwakukhona okuthize ngaYe okwakubonakala kungubuqotho obujulile. Kwakukhona okuthize ngakho okwakunencazelo, futhi Uqala ukuchaza mayelana nemiBhalo. WayenguThisha womBhalo; ukuthi wayusho kanjani ukuthi abaprofethi bathi uKristu wayezokufa, futhi avuke futhi ngosuku lwesithathu. Ukuthi izinhliziyi zabo ziqala ukuvutha phakathi kwabo! Kukhona okwakwenzeka.

¹³³ Futhi lapho beqhubeka, bakhuluma usuku lonke. Futhi manje babeqhele ngamastadiyu cische ambalwa, cische imayela nohhafu, ukusuka eJerusalema, lapho ababeya khona. Kancane behambisana, naye impela uKristu ovukileyo, futhi bengakwazi.

¹³⁴ Kukangaki Ehlala esihlalweni kanye nani! Kukangaki Ema nani emahoreni ezivivinyo zenu nezinkathazo, futhi anikuqondanga! Kukangaki Eba sesondweni ngenkathi ucishe ufa kuleyongozi, noma nje wayivika leyongozi noma okuthize, futhi awukuqondanga ukuthi kwakunguYe! Ukuthi Wayenawe kanjani ngenkathi imbiza ingenalutho, nophiso lwalomile, futhi

kwakungekho lutho olwezingane; ukuthi lowomuntu ufika kanjani bese ebeka lawomagilosa okudla emnyango, noma ngabe kwakuyini! Lowo kwakunguKristu. Uyaphila namhlanje. Akafile, kodwa Uyaphila.

¹³⁵ Ngimi ekuseni okumbalwa okwedlule, ngakudokotela ongumphikiNkulunkulu, eLouisville. Waye...ngangisezansi, emva kokubuya eAfrika. Babengihlolela isilwanyakazane iamuba. Wathi, “Mfu. Branham,” wathi, “futhi uyabukholwa lobobuwula...?”

Ngathi, “Yebo, mnumzane.”

¹³⁶ Futhi wathi, “Uqonde ukungitshela ukuthi uyakholwa ukuthi lowoMuntu wavuka kwabafileyo na?”

Ngathi, “Yebo, mnumzane, ngiyakukholwa.”

¹³⁷ Futhi wathi, “Ungakufakazela kanjani ukuthi Wavuka kwabafileyo na?”

Ngathi, “Ngingakufakazela ukuthi UnguKristu ovukile.”

“Angakwenza kanjani na?”

¹³⁸ Ngathi, “Uphila enhliziyweni yami. Ngazi kanjalo-ke ukuthi Wakwenza. Phakathi *lapha*, Wangiguqula ekubeni yisoni ngaya ekubeni ngumKristu. Waguqula imveloyami. Waguqula izimo zami zokuziphatha. Waguqula konke lokho okwakukimi. Wangenza isidalwa esisha. Ngakho-ke ngiyazi, siqu sami, ukuthi Wavuka kwabafileyo.”

Wathi, “Ngiyakholwa ukuthi Wafa.”

¹³⁹ Nga—ngathi, “Ngiyakholwa, futhi. Kodwa, Wafa. Yebo, ngaphezu kwalokho, Wavuka kwabafileyo.”

¹⁴⁰ Futhi namhlanje Uphila phakathi kwezinhliziyo zethu. Yingakho sijabula futhi sikwazi nokucula. Yingakho sikwazi ukuMnaka. Lapha esikhathini esingeside esedlule, uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, wenze isimangaliso esikhulu empilweni yami uqobo. Unenzele izimangaliso. Uhamba nani nsuku zonke. Uhamba nalo lonke ikholwa. “Bhekani, mina Nginani njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe.” Akunandaba ukuthi kufikani noma kuhambani, uKristu usaphila futhi uyabusa namhlanje enhliziyweni yomuntu.

¹⁴¹ Yingakho, njengoba yasho njalo indaba; bhekisisani, njalo ekuseni sivuka sinokukhonona, futhi siphume, futhi, “Awu, sengilele ingxenye nje,” kanjalonjalo. Akumangalisi sine bhhiphi, nesifo sikashukela, nakho konke okunye.

¹⁴² Bukani inyani encane irobini. Iyovuka ekuseni kakhulu, into yokuqala, isho ibhekise ubuswanyana bayo phezulu ngasemazulwini futhi ihambe iyokhala ngephimbo layo lonke. Akaze nibone noma yiyiphi yazo inebhiphi, ihamba ngezinduku, inesifo sikashukela.

143 Yathi, inyoni irobini encane yathi, ngesinye isikhathi, yathi, “Awu, angazi ukuthi yin’indaba,” yathi “lababantu, lezizinto, nezidalwa ezizibiza ngezidalwa ezingabantu?” Yathi, “Ngani, zifanele ukuthi zinyukumele kabi. Mhlawumbe azinaye uBaba waseZulwini njengoba thina sinaye, osinakelelayo.”

144 Ngobunye ubusuku, ngibambe umhlangano lapha ebandleni iMilltown Baptisti, ngenkathi ngisengumelusi ezansi lapho. Ngangiza ekhaya nomngane wami omdala, ukuba sihlale ubusuku bonke. Futhi ngangivamise ukuqaphela, uma ngedlula, kwakubakhona inyoni inayingingel ekhala kamnandi nbusuku ihlezi ehlathini lomsedari lapho. Ubusuku bonke yayikhala ngephimbo layo lonke, ikhale kakhulu impela nje. Nganguqonda kahle kamhlophe ukuthi kungani izinyoni zikhala uma sekusile. Sengiyabona umsebe welanga ubhukuda kuzo, uzenza zikhale. Kodwa yini eyenza leyonyoni inayingingel ikhale na?

145 Ngakho ngazitholela incwadi ngase ngiqala ukufunda ngenyoni inayingingel. Ngithola ukuthi, inyoni inayingingel, okuyenza ikhale, ukuthi ibhekisisa izibhakabhaka. Futhi njalo uma ibuka ukuba ibone amafu eqala ukuphenya, futhi ibone inkanyezi eyodwa, umsebe owodwa wokukhanya, iqala ukumemeza futhi ikhale ngephimbo layo lonke. Ngani na? Ngoba iyazi ukuthi ilanga liyakhanya ndawondawo. Iletha impendulo ngokukhuluma emhlabeni ukuthi ilanga liyakhanya ndawondawo.

146 Futhi, mfowethu, dadewethu, inqobo nje uma phansi enhliziyweni yami, emafini amnyama okuhlushwa, nezivivinyo nezinkathazo, uma ngingahle ngizwe uMoya oNgcwele ucindezela wedlule kanye ngesikhashanyana, bese unginika isibusiso, ngiyazi aMandla kaNkulunkulu asaphila futhi abusa ndawondawo. Kunjalo.

147 Ukuba bengingabuza leyonkanyezi yokusa, “Yini ekwenza ukhanye phezulu lapho na? Ukhanyelani na?”

148 Ibizothi, “Akusimi engikhanyayo, Mfowethu Branham,” ukuba inkanyezi ibingakhuluma. “Yilanga kuphela elikhanya kimi, elingenza ngikhanye.”

149 Futhi yileyo ndlela okungayo kuwowonke umuntu oyikholwa kuJesu Kristu, elifihlwe kuYe. Akusuwe okhanyayo, nguMoya oNgcwele okhanya kuwe, okunika lelithemba nalenjabulo yokuvuka.

150 Ngangivamise ukusho mayelana, ngikhuluma ezansi lapha, ngesiphethu esidala engangivamise ukuphuza kuso. Sasiphethuza futhi sigxumagxuma, futhi sigxumagxuma futhi sigxumagxuma, ezansi ngaseMilltown. Ngangivamise ukumangala ukuthi kungani lesosiphethu sasigxumagxuma, ngakho ngelinye ilanga ngahlala phansi lapho futhi ngangikhuluma kuso. Sengathi ngiyabona umuntu ekhuluma

esiphethwini? Kodwa ngangikhuluma kwiMvelo Eyenza isiphethu. Futhi ngamangala, “Yini ekwenza uphethuze kangaka, ugxumagxume kangaka na? Ngabe yingoba a—abantwana beza lapha futhi baphuze kuwe, noma ngiphuza kuwe, noma okuthize na?”

¹⁵¹ Ukuba isiphethu sasingangiphendula, sasiyothi, “Qhabo, Billy, akungakho ngoba uphuza kuso. Akungoba noma ubani ephuza kimi. Kuyinto ephansi phakathi kwami, engifuqayo futhi engenza ngiphethuze futhi ngigxumagxume, futhi ngiqhubeke kanje.”

¹⁵² Yingaleyondlela, wonke owesilisa noma owesifazane ozelwe nguMoya kaNkulunkulu. Akusuwe. Akusiwo amadingozi omuntu. Kungoba ukuvuka, noma aMandla kaNkulunkulu, asempilweni yomuntu, futhi acindezelela ekuPhileni okuphakade, ehamba eyongena ekuPhileni okuPhakade. Into ethize ephakathi lapha! Ubungeke uthule ukuba ubuzokwenza. Kukhona into ethize ephakathi kwakho.

¹⁵³ Ngenkathi kufika uJesu, ehamba eyongena eJerusalema, futhi bagawula amasundu futhi baqala ukumemeza nokukhala futhi beqhubeka kanjalo. Abanye balabobaFarisi abayisitashi bathi, “Benze bathule. Ngani, bayasiqhaq hazelisa. O, labobantu bamemeza futhi baqhubeka kanje!”

¹⁵⁴ Wathi, “Uma bethula, amadwala azomemeza masinya.” Kukhona okuzofika. Uma kufika ukuPhila phakathi kokufa, kukhona ukuvuka; kufanele kubekhona.

¹⁵⁵ Futhi uma ukuPhila okukuJesu Kristu kufika ethuneni elakhiweyo lapho abathandekayo bethu belele khona, kuzobakhona ukuvuka. UkuPhila nokufa ngeke kwakha ndawonye njengoba nobumnyama bungeke bakha nemini. Kuthe nje ubumnyama bunga . . .

¹⁵⁶ Njengoba kufika imini, icindezela ubumnyama busuke. Imini ifanele ikhanye. Akunandaba ukuthi kwenzekani, uma lelozwe lizungeza lapho, phambi kwalelolanga, kufanele kufike imini. Ifanele.

¹⁵⁷ Futhi njengoba impela likhona iPhakade, njengoba Lidonsa lizungeza liya esikhathini sokufika kweNdodana kaNkulunkulu, kuyobakhona ukuvuka phezu kwalelizwe. Nabobonke labo abalele kuNkulunkulu, uKristu uyobaletha kanye naYe ekuvukeni kwaKhe. Kuzofanele. Ayikho indlela kukho. Uzofanele ubenakho. Ungaba kanjani nakho ngaphandle uma kulapha na?

¹⁵⁸ Ngimi ngesinye isikhathi esedlule, ngangimi eGary, eIndiana, lapho abangithatha khona bandedlulisela ezigayweni zensimbi zakwaGary. Futhi ngashaqeka kakhulu, ngenkathi ngibhekisisa. Unsumpa wangithatha wangenyusa, futhi wayengikhombisa indawo yonke. Futhi wathi . . . Ngangibhekisisa amadoda. Impempe encane yapepeza,

emizuzwini emihlanu ngaphambi kwesikhathi sokushayisa. Ngaqaphela wonke umuntu ekhumula iphinifo lakhe futhi elibeka phezu komshini wakhe. Futhi baze bayophuma ngqo, ngasemishinini yakhe yokundingiliza nensimbi nento, wayeshanela ekhiphela esikhaleni sezihlalo, isixheke sezingcwecwe ezazikade ziqoqwe empahleni ayekade esebenza ngayo. Futhi ukushanyelesa konke esikhaleni sezihlalo. Futhi wathi, “Ngizokukhombisa okuthize lapha, Mfu. Branham.”

Ngathi, “Kulungile.”

¹⁵⁹ Kwase kuthi-ke, wahamba wabuyela endaweni encane. Emva kokuba sekukhale insimbi enkulu, onke amadoda aphuma. Wonke umuntu wase ededile endlini; sashiywa simi sodwa. Futhi wacindezela inkonobho. Futhi le emuva ngemuva, ngezwa into ethize idumisa okwezulu, futhi ibhonga, futhi “baaa,” iza yehla. Ngacabanga, “Yini leyo?”

¹⁶⁰ Emva kwesikhashana, wathi, “Manje mela eceleni.” Ngamela eceleni.

¹⁶¹ Ngabona ujtantshi uza wehlela lapho. Futhi ngenkathi wenzenjalo, nakhu kuza uzibuthe omkhulu wehlela lapho. Futhi lapho lowozibuthe wehla phansi wedlula ngalowolayini, ngiqala ukuqaphela lezozingcezu zindizela phezulu ukuba zihlangabezane nawo, kanjalo, lezozingcezu zezinsimbi. Ngaqaphela ezinye zazo azizange zikhuphuke. Futhi ngaqaphela ophisi abaningi bensimbi abazange bakhuphuke. Nalowozibuthe waqhubekela emuva wangena esiqongweni esincane futhi wa mel-...wathululela yonke lento phansi esiqongweni esincane, futhi kwancibikaliswa kwaphinde kwenziwa futhi.

¹⁶² Ngase ngithi, “Awu, ayivukanga ngani yonke na?” Ngathi, “Ngibona ezinye zezingcezu zensimbi.”

¹⁶³ Wathi. “Mfu. Branham, senza ezinye izingxenywe ze aluminiyamu lapha.” Wathi, “Nalezozingcezu ze aluminiyamu azinabo ubuzibuthe kulowozibuthe.”

Ngathi, “Ayibongwe iNkosi!” Futhi—futhi ngathi . . .

Wathi, “Yini indaba kuwe?”

¹⁶⁴ Ngathi, “Bengicabanga nje.” Ngakho ngathi, “Yingani—yingani lezo ezinye izingcezu zensimbi zingazange zikhuphuke na?”

¹⁶⁵ Wathi, “Uma uqaphelile, zibholelwe phansi. Azikwazi ukuvuka.”

Ngathi, “Akabongwe uNkulunkulu! Haleluya!”

Wathi, “Yini indaba, Mfu. Branham na?”

Ngathi, “Bengicabanga nje.”

Wathi, “Ufanele ukuthi kade unjalo.”

¹⁶⁶ Ngathi, “Mfowethu, emuva le ngaleya ndawondawo, kokwaPhakade, haleluya, kukhona uzibuthe omkhulu. INdodana kaNkulunkulu izodedelwa, ngokunye kwalokhu ukusa. Ishanela phansi phezu kwalomhlaba, njengozibuthe. Futhi wonke umphefumulo ozibuthele kuYo uyokwenyuka ukuYihlangabeza emoyeni, futhi lapho ube sekuvukeni, ukuhlala naYo, uthathwe ukhishelwe ngaleya. Nalemizimba emidala esihlala kuyo manje, kumbe ngisho nanjengaleyo esinayo manje, esiguga, nesiwigqokisayo, futhi elithikayo; iyoqathazelwa phezulu ngaleya esiqongweni esincane sothuli, bese iphinde ibunjwa, futhi yenziwe ibe njengomzimba waKhe uQobo okhazimulayo, ekuvukeni kokugcina, uma Esefika futhi.”

¹⁶⁷ Futhi ngathi, “Awu, manje buka la, baningi abantu ongenabuzibuthe. Banningi abantu obholelwe phansi yimininingwane, uthi, ‘Angikwazi ukukwenza. Bengingeke nje ngakwenza. Kubiza inani elikhulu kakhulu.’”

¹⁶⁸ Mfowethu, ngaphandle kokuthi kuguquke leyonhliziyo nalowomphefumulo uhlezi ngaleya, unobuzibuthe noNkulunkulu ngoMoya oNgcwele, nxa uJesu efika, uyoshiywa wedwa emhlabeni. Khumbula, kuzobakhona ukuvuka ngokunye kwalokhu ukusa, kuphela okwalabo abafike kuKristu, uNkulunkulu uzobaletha kanye naYe.

¹⁶⁹ “Ehamba phakathi kwabafundi, Ezazisa,” uthi, “Ezazisa.”

¹⁷⁰ Nginowesilisa, ndawo zonke ezweni lonke, ngezinye izikhathi uyangigxeka mayelana nokuphilisa ngokukaNkulunkulu. Ngani, mfowethu, ngingayeka kanjani ukungakholelwa ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu, kube kuyiyo impela imvelo kaMoya oNgcwele. Wonke umuntu ozelwe nguMoya kaNkulunkulu uyofanele akholelwe kokungaphezu kwemvelo, ngoba uyingxenywe kaNkulunkulu, uyisizukulwane sikaNkulunkulu.

¹⁷¹ Ngithi, “Ufana noyihlo.” Ngithi, “Unekhala elifana...” Ungitshela ukuthi nginekhala elinjengelikababa; nginomlomo onjengokababa. Ngani na? Ungubaba wami. Nginelungelo lokufana naye.

¹⁷² Haleluya! Manje-ke, uma uNkulunkulu enguBaba wami, nginelungelo lokukholelwa kokungaphezu kwemvelo, ngoba ngizalwa nguMoya ongaphezu kowemvelo. Lokho kwenza umuntu ongaphezu kowemvelo ngami. Ngaphakathi, ngokwangaphandle, ngi—ngingumuntu wobumba; nawe ungumuntu wobumba. Kodwa ngokwangaphakathi, uma uzalwa nguMoya kaNkulunkulu, uba ngumuntu ongaphezu kowemvelo phakathi lapho, nalowomuntu ongaphezu kowemvelo ulamba omele iKhaya lakhe laseZulwini, ngaleya. Kunjalo. Amen. Kuqapheleni.

173 Babelapho-ke. Nangu Uyahamba manje. Usevukile kwabafileyo. Kuqala ukufika ukujabula. Abafundi baqala ukuthola eningana intwasahlobo esinyathelweni sabo. Kukhona okwenzekile; Uvukile kwabafileyo.

174 Kungaleyondlela kuwo wonke owesilisa noma owesifazane, uma ezalwa ngoMoya kaNkulunkulu, futhi ubona ukuvuka kweqiniso. Akukho-muntu owaziyo ukuthi uJesu uvukile kwabafileyo, ngaphandle uma efile, qobo lwakhe, kuKristu Jesu, futhi wazalwa ngokusha, kabusha ngoMoya oNgcwele. Wonke umuntu ukholwa ngokwesayense yezenkolo kuphela, ukholwa ngokuphathekayo kuphela, ukubuka epheleni kuphela, aze uMoya oNgcwele afakaze ngokuvuka kukaJesu Kristu. Wena, usuka ezintweni ezifile zokuphila, uya kwelisha neliphilayo ithemba kuKristu Jesu. Wonke owesilisa noma owesifazane ngaphandle kwalokho ulahlekile, kulokhu ukusa. Kunjalo.

175 O, mfowethu, dadewethu, lungisana noNkulunkulu. Hlanza leyo nhliziyu, iye lapho izinsimbi zenjabulo zaseZulwini ikhala khona, futhi kukhona ukuvuka; uJesu uphila ubusa phakathi enhliziyweni.

176 Qaphelani lapho beqala ukuhamba eceleni kwendlela. Ngicabanga ukuthi leyo kwakuyinto emangalisayo lapho. NeBhayibheli lathi baqhubeka ngendlela, futhi babexoxisana. Futhi sebefike ekugcineni, lapho nje ababezohlala khona ubusuku bonke, babengasafuni nje ukuba Ahambe.

177 Kukhona okuthize nje ngaYe, uma uke waze wazana naYe, awufuni Ahambe. Kunjalo. Manje U . . .

Bathi, “Ngena uhlale nathi.”

178 Ngiyakuthanda lokho, “Ngena uhlale nathi.” Wonke umuntu oke axhumane noJesu Kristu ufuna Ahlale. “Hlala nathi.” Izwe lifile. UKristu uvukile. Nangu, ehlezi nathi. Kulungile.

179 “Woza uhlale nathi. Sekuyasondela . . .” Futhi, uJesu, manje khumbulani, baMmema ukuba angene.

180 Futhi noma yimuphi umuntu oke eze angene kuKristu uyodingeka ameme uKristu angene endlini yakho encane ohlala kuyo. Uza kuphela ngesimemo. Akazifugeli Yena kuwe. Wena uthi, “Angifuni lutho lwaleyonto yobuhlanya,” kulungile, ungakhathazeki, ingeke ibe lapho. Kodwa uma uvuma futhi usulungele, futhi usulungele ukuthengisa ngezinto zezwe!

181 Njengokukhuluma izolo ebusuku kwizithunywa zenkolo. Ngathi, “Yebo, niwelela ngapha esikoleni futhi nifunde isayense yenu yezenkolo, futhi niphume lapha, nifunde, nibhale, nezibalo; futhi niye eAfrika nenze umntwana ngokuphindwe kabili, wesihogo, ngowomdabu, kunoma nenza ekuqaleni.”

182 Kodwa ngathi, “UJesu, ngenkathi Eyala abafundi baKhe ukuba bahambe babe yizithunywa zenkolo,” Wathi, “Bhekani, Ngiyathuma isithembiso sikaBaba phezu kwenu, kepha hlalani

kuqala emzini waseJerusalem, hhayi kwelinye ikholiji, hhayi kwesinye isikole sesayense ephathelene nenkambo elungileyo. Wathi, 'Hlalani emzini eJerusalem nize nembathiswe aMandla avela Phezulu. Bhokani, Ngiyathuma isithembiso sikaBaba phezu kwenu, kodwa hlalani emzini eJerusalem nize nembathiswe aMandla avela Phezulu. Emva kwalokhu uMoya oNgewele uza phezu kwenu, khona-ke nizakuba yizithunywa zenkolo, noma ofakazi, kiMi eJerusalem, eJudiya, eSamariya, nasemikhawulweni yezwe.'"

¹⁸³ Futhi umuntu aze ahlonyiswe nguMoya oNgewele; hhayi yimfundo, hhayi yisayense yezenkolo, hhayi ngubulunga bebandla! Amen. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]...kade eseJerusalem futhi wagcwaliswa ngombhaphathizo kaMoya oNgewele, akafanele ukuba sepulpiti, kunjalo, njengesithunywa senkolo kumbe noma yini enye.

¹⁸⁴ Futhi ngenkathi uFiliphu ehlela lapho; isithunywa senkolo sokuqala ukuba size siphume, sehlela eSamariya. Futhi ngenkathi sifika ezansi lapho, sashumayela iVangeli, saphilisa abagulayo, futhi savula amehlo ezimpumputhe, savula izindlebe zezithulu. Kwakukhona ukuthokoza okukhulu emzini.

¹⁸⁵ Futhi ndawo zonke isithunywa seqiniso sikaNkulunkulu, noma umshumayeli aya kuzo, kukhona izinsimbi zokujabula ezikhalayo, zokuvuka kukaKristu. Ungeke wahlanganisa ukufa nokuPhila ndawonye; kuyohlukana. Amen. Manje-ke uma uKristu engena enhliziyweni yomuntu, Uyakwehlukana nezinto zezwe ezifile, uye ethembeni eliphilayo, isidalwa esisha kuKristu Jesu, futhi uba ngumuntu omusha. Ngiyanitshela, bazalwane bami, uma izwe lidinga noma yini namhlanje, ngokwangempela, ukuvuka kweqiniso kukaKristu kushunyayelwa kubo.

¹⁸⁶ Bathi, "Woza uhlale nathi. Ukuhlwa, usuku selusondela ekushiyweni yisikhathi. Awu, sibezwile labo besifazane, abakushilo, asazi noma ngabe konke kuyiqiniso ngokwenele yini?" Behambisana, bethi ukucabanga ngenye into. Kodwa wathi, "Awuthi gqi ungene manje, okwesikhashanyana nje." Bathi, "Ngena manje uhlale nathi." Washaya sengathi Uyedlula. Izikhathi ezininginingi Uyakwenza lokho, ukubona nje ukuthi wena uzokwenzenjani. Kunjalo. Ngakho emva, emva kwesikhashana, baMnxusa. Bathi, "Ngena."

¹⁸⁷ Bangena, cishe bathatha iphepha elibhalwe ukudla okuzodliwa, bathi, "Yini Oyithandayo yedina?"

¹⁸⁸ Futhi bayaqala, bathi, "Hlala nathi. SiyaKuthanda nje. Ngani, sithanda Ube ngumelusi wethu. Kukhona okuthize ngaWe okwehlukile kwabanye abantu. Kukhona okuthize ngaWe; Uchaza imiBhalo ngokwehlukile kancane komunye umuntu. Sithanda nje ukuba Wena u—uhambe nathi. Sithanda nje Wena ukuba ubonane nomngane wethu, uPetru, uJames,

noJohane, nabanye. Sinabanye abangane obengumlandeli kaJesu, futhi sithanda ukuba Wena ungene. Kubonakala sengathi Wazi okuningi kakhulu ngaYe.” Futhi kwakunguYe, uqobo lwaKhe. Lowo kwakunguYe. Uhlezi eduze kwakho isikhathi esiningi.

¹⁸⁹ Nangu Wayemi lapho, futhi Uqala ukukhuluma kubo. Futhi ngakho, into yokuqala uyazi, ngenkathi Ecaphuna isinkwa . . . Wathatha isinkwa. Manje, amehlo abo ayephuphuthekile. Futhi Wahlephula isinkwa. Lapho Ephakamisa amehlo aKhe, futhi wasibusisa wase esihlephula, namehlo abo avuleka. Ngiyakuthanda lokho. Amehlo abo avuleka. Uma sake sabakhona isikhathi lapho ibandla likaKristu lidinga khona amehlo alo ukuba avuleke, kunamhlanje; okunye futhi ukuhleshulwa kwesinkwa. Amehlo abo avuleka futhi baqonda ukuthi kwakunguYe.

¹⁹⁰ O, mngane, ngabe Useke wawavula nje amehlo akho ngaleyondlela na? Ngabe Useke wakubusisa nje ngaleyondlela enjalo na? Ngabe Useke wakuhlephula wehlukana nezinto zezwe, wakwehlukanisa, isikhathi sokuhlephula nokuvula. Yilokho ibandla elikudingayo namhlanje, yisikhathi sokuhlephula nokuvula. Namehlo akhe avuleka, amehlo abo avuleka, njalo, base beMqonda. Indlela nje Ayenze kulesosinkwa, yileyondlela abaMqonda ngayo. He, kukangaki . . .

¹⁹¹ Lapha esikhathini esingeside esedlule, inenekazi lalisezansi lapha ekhoneni. LalineTB. Ngigagele lihlezi ebandleni kulokhu ukusa. Angisalicabangi igama lenenekazi. Lihlala ngaphesheya kwe . . . Reese. Ngiyabonga, dadewethu. Kunjalo. UNkk. Reese, wayelele lapho, enabantwana abancane abathathu noma abane, futhi ngehla ukuba ngiyomkhulekela. Wayekade ethunyelwe esuka kwezemithetho yezempilo enhla lapha, ukuba afe. Futhi ngakho ngahamba ngayomkhulekela.

¹⁹² Futhi kwakukhona umphikinkolo esasakhelene naye, futhi wayesebenza phandle lapha kwahulumeni, uMnu. Andrews. Ngakho ngangizokwedlula ekhoneni, ngebhayisikili lami elidala. Futhi—futhi ngase ngimkhulekele owesifazane, ubusuku, ubusuku obuthi abube bubili ngaphambi kwalokho. Ngaya ekhaya. Ngisahlezi egosini, iNkosi yangibonisa umbono ukuthi owesifazane wayezophila.

¹⁹³ Ngakho, ngiyehla. Ngathi, “Ngino ISHO KANJE INKOSI, wakho. Uzophila.”

Wayayesethi, “Akabongwe uNkulunkulu,” intwanyana bandla.

¹⁹⁴ Ngathi, “Ungasukuma ubhaphathizwe eGameni leNkosi, ubize Yona, futhi uhlanze izono zakho na?”

195 Wathi, “Ngiyokwenza noma yini uNkulunkulu ayaleza ukuba ngiyenze. Vele nje uze ungiqondise, futhi ungitshela, futhi ngizo—ngizokwenza.”

Ngathi, “Kulungile.”

196 Ukusa okuthi akube kubili emva kwalokho, ngahlangana ne—nendoda yehla ngomgwaqo lapho, futhi kwakunguMnu. Andrews. Wathi, “Awusho, awume kancane lapho, mshumayeli.” Sekukade cishe ngalesisikhathi sokusa, ngiyethemba. Futhi wathi, “Awume kancane lapho, mshumayeli.” Wathi, “U—uyaphi?”

Ngathi, “Enhla kwigrosa.”

Wathi, “Awunamahloni ngawe na?”

Ngathi, “Ini?”

197 Wathi, “Ukutshela lowo ozihluphekelayo, omncane umama ofayo phakathi lapho, ukuthi ubezophila.”

Ngathi, “Awu, uzophila.”

Wathi, “Wazi kanjani ukuthi uzophila na?”

Ngathi, “UJesu usho njalo. Yingalesosizathu ngazi.”

Wathi, “Wazi kanjani na?”

198 Ngathi, “Wangibonisa umbono ngaye.” Ngendlela nje Akwenze ngayo; ngangazi ukuthi kuzoba njalo. Kunjalo.

199 Wathi, “Ngingaba namahloni ngami.” Wathi, “Uvele uhambe nje ukhohlise abantu kanjalo.” Wathi, “Ufanele ube namahloni. Manje, ngiyazi kuthi ukuba l’khuni kimi, kuqala, ukubonana nawe nokukhuluma kuwe kanjalo.”

200 Ngathi, “Kulungile. Unemibono yakho nawe, futhi nami ngineyami, futhi.” Ngagibela ibhayisikili lami elidala ngagibela ngenyuka.

201 Ezinsukwini ezimbili emva kwalokho, umkakhe, engowesifazane ongumKristu, wagula. Ngaya ngale, ngathi, “Mnu. Andrews, kukhona engingakwenzela khona na?”

202 Wathi, “Manje buka lapha.” Wathi, “Sinodokotela okahle.” Wathi, “Asidingi-sizo oluvela kuwe.”

203 Ngase ngithi, “Ngiyabonga.” Ngathi, “Ngiyazi ninodokotela okahle.” Futhi wambiza ngegama; futhi u—ungudokotela onomoya omuhle lapha wedolobha, umngane wami. Ngathi, “Ungudokotela okahle.”

204 Wathi yena, “Unethumba elimila kupopopo. Sizodingeka ukuthi silikhiphe, futhi yilokho kuphela.” Wathi, “Asidingi-mkhuleko konke lapha.”

205 Ngathi, “Lokho kungukuthi, Mnu. Andrews, angikubuzanga lokho.” Ngathi, “Bengifuna nje ukukutshela ukuthi ngi—ngingakunqumela ukhuni lwakho. Ngingakwenzela konke

engingakwenzela khona, ngikungenisele okokubasa kwakho, amalahlle, noma yini engingayenza.”

²⁰⁶ Ngakho, o, wasikeka ngempela ngakho. Wayengafuni, lutho ukuba lwenziwe ngomkhuleko. Ngathi, “Kulungile.” Ngakho ngabuyela ekhaya.

Futhi sengikwenzile, ngani, bamkhipha bamyisa esibhedlela.

²⁰⁷ Futhi ngokusa okulandelayo, ngaqala ukuhamba ngiqapha. Nga—ngangingumqaphi wezinyamazane, niyazi. Futhi ngabopha ngebhande isibhamu sami esidadlana, ngase ngiqala ukwenyuka ngomgwaqo. Ngangihamba ngigudla, ngenyuka ngomgwaqo, futhi ngihamba ngidabula lapho.

²⁰⁸ Futhi into yokuqala niyazi, lapho, Into ethize yathi kimi, yathi, “Jika ubuyele emuva.” Lowo yilowoJesu ovukileyo, “Jika ubuyele emuva.”

Ngacabanga, “O, awu, lokho, mhlawumbe ngizwe . . .”

Into ethize yathi, “Buyela emuva.”

²⁰⁹ Ngajika khona lapho ngabuyela emuva. Ngashayela iNkampani yakwa Public Service. Ngangihamba ngiqapha olayini abaphakeme, futhi ngakho ngabashayela, ngabatshela ukuthi ngeke ngisebenze kulolosuku. Kwakuyimvula ekhemezelayo, nakuba yayingenele ukuba ingangiyekisa ukusebenza, kodwa nje ngabuyela emuva. Ngangingazi ukuthi kungani.

²¹⁰ Ngihlala phansi ngase ngithatha isibhamu esidadlana ngasehlukanisa, ngangimi lapho ngisipholisha. Ngi . . . UMeda wathi kimi, umkami, wathi, “Ubuyela ukuzokwenzani na?”

²¹¹ Ngathi, “Angazi. Ungitshela nje ukuba ngibuyele emuva. ‘Ukulalela kungcono kunomhlatshelo, ukulalela amanoni ezingqama.’ Ngiyabuya nje.” Ngihlala phansi lapho futhi ngangipholisha isibhamu esidadlana.

²¹² Futhi into yokuqala uyazi, ngaqaphela, oza ngasendlini; futhi nangu eza, isigqoko sakhe sitshekele eceleni, uyazi, namafinyila elenga ekhaleni lakhe, futhi uyangena. Wathi . . . [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kathathu—Umhl.] Wathi, “Nkk. Branham?”

Wathi, “Yebo.”

“Ngabe ukhona umshumayeli na?”

Wathi, “Yebo.” Wathi, “Ngena, Mnu. Andrews.”

Wathi, “Halo, mshumayeli.”

Ngase ngithi, “Sawubona ekuseni, Mnu. Andrews. Thatha isihlalo.”

²¹³ Wathi, [UMfowethu Branham uyahogela—Umhl.] “U—Uzwile ngoNkk. Andrews na?”

Ngathi, “Qhabo.”

Wathi, “Awu,” wathi, “uzofa, mshumayeli.”

214 Ngathi, “O, lokho kubi kakhulu.” Ngathi, “Ngiyakuzonda ukuzwa lokho.” Ngathi, “Nakuba ngazi ukuthi wena unodokotela okahle.”

Wayesethi, “Yebo,” wathi, “kodwa be—be—bekungesilo ithumba elikupopopo.”

Ngase ngithi, “Bekungesilo? Qhabo?”

215 Wathi, “Qhabo. Sinodokotela osifundele isifo lapho manje, waseLouisville.” Wathi, “Yihlule. Liqhele nje ngamahora athi awabe mabili enhliziyweni yakhe,” wathi, “likhuphukela enhliziywei yakhe.” Wathi, “Uzofa.”

216 Ngathi, “He, kubi kakhulu. Ngiyakuzonda ukuzwa lokho.” Ngiqhubeka nje ngipholisha isibhamu sami.

217 Wathi, “Awu,” wathi, “awu, e, u, e, mubi kakhulu.”

218 Ngase ngithi, “Yebo, mnumzane.” Ngathi, “Lokho yi. . .” Ake athi ukujuluka isikhashana, ngakho ngavele nje ngaqhubeka futhi ngilokhu ngisebenza isibhamu sami.

219 Wathi, “Awu, e, e,” wathi, “ucabanga ukuthi ubungamsiza na?”

220 Ngathi, “Mina?” Ngathi, “Angisuye udokotela. Angazi ukuthi kwenziwe njani, mnumzane.” Ngathi, “Angisuye udokotela.”

221 Wathi, “Awu, e, e, uyazi,” wathi, “e, be—be—bengicabanga ukuthi mhlawumbe—mhlawumbe ubunga, e, msiza kancane.”

Ngase ngithi, “Uchaza ukuthini?”

222 Wathi, “Awu, e, uyazi, njengowesifazane ezansi e. . .”

223 Ngathi, “Ngiyabona.” Ngathi, “Lowo kwakungesimi. Leyo kwakuyiNkosi uJesu.”

Wayesethi, “Awu. . .”

Ngathi, “Bengicabanga ukuthi ubungaMkholwa?”

224 Wake wangixoxela indatshana. Ugogo wakhe—wakhe ayenayo, noma uanti wakhe—wakhe, ngikholwa ukuthi kwakunguye, wayenze isithembiso, ukuthi uyokhokhela umshumayeli omdala wesekethe amadola amahlanu ekupheleni konyaka. Wayewashe izingubo, futhi wayengenayo imali yokumkhokhela. Nosuku lokuwasha lwafika, manje-ke umshumayeli wayezobakhona, futhi wayengenamali. Futhi wayenosheleni, noma uzuka, kumbe noma lwalubiza malini ugoqo lwensipho enkulu endala, futhi wamthuma esitolo. Uyabuya, wayesethi, waluthatha u—ugogo lwensipho, ne. . . futhi wayekhala. Wathi. . . Wase ekhothama wathatha iphinifo lakhe elikhulu elidala wesula izinyembezi zakhe.

225 Futhi wayengale eketeleni elidala, njengoba omama benu babevamise ukuba nalo. Futhi, kusobala, usuvele uthinte inkinobho manje. Lokho sekwaphela, niyabo.

226 Kodwa wabeka insipho epulangweni lokuwashela *kanje*. Futhi eyibeka phezulu; wezwa into ihlikihla. Futhi kwenzeka wabheka phansi, futhi wabheka, kunamathele ogoqweni lwensipho, futhi kwakukhona uhlamvu lwegolide lwamadola amahlanu; wayethembise umshumayeli omdala wesekethe. Wathi. . .

Ngathi, “Kwafika kanjani lokho lapho na?”

Wathi, “Awu, ngiyamangala nje?”

227 Ngathi, “UJesu ovukileyo wakwenza lokho. Wenza isithembiso ngayo yonke inhliziyi enhle. Wayecabanga ukuthi uyokwenza, noNkulunkulu wayemenzele indlela.” Indlela nje Enza ngayo izinto, iyindlela wena oMqonda ngayo. Ngalokho nje Enza ngakho, izinto Azenzayo, indlela Akwenza ngayo. Wathi. . .

228 Wathi, “Awu, nga—ngamangala, njalo.” Wathi, “Bekusenhliziyweni yami njalo, ngimangala ukuthi ngabe kwakukhona yini. . .”

Ngathi, “Uma kwakukhona?” Ngathi, “Kukhona, Mnu. Andrews.”

229 Wathi, “Awu, Mfowethu Branham, ucabanga ukuthi u. . . U—U—Ubengamsiza umkami na?”

Ngathi, “Impela. Ngiyazi Angakwenza.” Ngathi, “Unga. . .”

Wathi, “Ungamkhulekela na?”

230 Ngathi, “Qhabo. Mkhulekele wena.” Ngathi, “Nguwena umuntu ofanele akhuleke.”

Wathi, “Awu, angazi ukuthi ushiwo kanjani umkhuleko.”

231 Ngathi, “Lokho bekungeke kukusize ngalutho, empeleni, uma usho umkhuleko.” Ngathi, “Guqa phansi ukhulume naYe.”

Wathi, “Awu, ngikwenza kanjani na?”

232 Ngathi, “Hlehlisa isihlalo sakho nje, bese uhlala lapho nje. . . guqa phansi ngamadolo nje kuso, ngasetafuleni, bese uyakhuleka.”

233 Ngakho waguqa phansi lapho, wayeseqala ukukhuleka. Futhi wathi, “Manje,” wathi, “Mnumzane, angazi ukuthi kukhulunywa kanjani naWe.” Wathi, “Kodwa uma Uzosiza umkami nje!”

234 Wasukuma wayesethi, “Awusho, mshumayeli, manje asiphume siye esibhedlela bese sikhuluma naYe.” Wathi, “Mhlawumbe, uma sehlela lapho okusesibhedlela khona.”

Ngathi, “Kulungile.” Umkami wazilungiselela. Saphumela lapho.

²³⁵ NoNkk. Andrews lapho, wayengasakwazi ngisho nokubona amehlo akhe, i—igazi lase lehlukanisile, niyazi. Ihlule lalibangele igazi . . . amanzi. Futhi wawungeke usakwazi nokubona amehlo akhe. Ngambuka. O, he! Umkami waqala ukukhala.

²³⁶ Ngaguqa phansi ngase ngiqala ukukhuleka. Ngathi, “Nkulunkulu othandekayo, ngiyakhuleka manje ukuthi Uzomsiza owesifazane.” Ngathi, “Ukubona ukuthi sonke asinathemba asinasizo. Udokotela wenze konke angakwenza, kepha nokho ulele lapha uyafa.” Ngathi, “O Nkulunkulu, singenzani na? Singenza kanjani noma yini manje na? Sibiza Wena. Siyazi ukuthi Wavuka kwabafileyo, futhi Uphila phakathi kwethu. Futhi Uyaphatheka nje njengoba kunjalo ukukhanya ezandleni zami. Ulapha. Futhi Unawo onke amandla, futhi Ungakwenza. Manje, Nkosi, uma sifumene umusa emehlweni aKho, siza ngokuzithoba futhi sicela isihawu ngowesifazane.”

²³⁷ Ngisakhuleka, izinto ziqala ukunyakaza kanjalo. Ngabuka ngase ngimbona eza endlini yami, ephethe uphaya weapula ngesandla sakhe, futhi uwunika mina. Ngase ngihlala egosini ngase ngiqala ukuwusika lophaya weapula, nokuthi ngiwudle. Ngasukuma-ke, emva kokuba Esebonise umbono.

²³⁸ Kwakuyini na? INkosi evukileyo. Kwakukanjani na? Uphakathi kwabantu. “Into engiyenzayo . . .” Watshele owesifazane izono zakhe, emthonjeni. Washo lapho okwakukhona khona uFiliphu, ngenkathi ephansi komkhiwane, ekhuleka. Wayazi ukuthi inhlanzi yayikuphi, eyayinohlamvu lwemali emlonyeni wayo. Wathi, “UBaba uNgibonisa imisebenzi, futhi Ngiyasebenza kuze kube manje. Nezinto engizenzayo nani niyakuzenza.” Kuyini na? Ngukuvuka. Wavuka kwabafileyo. Akafile. Ukhona lapha kanye nathi manje. Ungokhona nje ngempela ngempela, ekamelweni, njengoba ukukhanya kukhona. Ungokhona nje ngempela ngempela.

²³⁹ Ngani, umuntu, eminyakeni embalwa edlule, wayengazi ukuthi wawuyini ugesi, kodwa wayenokulamba enhliziyweni ukuba athole ukuthi wawuyini. Wayekholwa ukuthi wayengawenza ukhanye. UThomas Edison, futhi wazama izintambo eziyizinkulungwane eziyishumi, kodwa nokho wathola into ethize. Futhi wanika izwe ugesi.

²⁴⁰ Umuntu wayekholelwa kwitelevishini, na—nazozonke lezi ezinye izinto. UNkulunkulu wakubeka konke lapha.

²⁴¹ Futhi kukhona aMandla okuvuka kukaKristu kulokhu ukusa, khona lapha kulendlu, ukusindisa zonke izoni, ukugcwalisa ngoMoya oNgcwele, nokuphilisa konke ukugula okukhona ezweni, uma nje uyazi intambo eholela kukho. Nguthando nokukholwa; leyo yiyonantambo eyiyonayona. Ngena bese uhamba kanye, bese ubona ukuthi Akasho yini.

²⁴² Niyazi, ngenkathi uFranklin ebamba umbani, wayengazi ukuthi wayenani. Wathi, “Ngiwutholile. Ngiwutholile.

Ngiwutholile. Ngiwutholile.” Wayazi ukuthi kwakubekhona ukuvuka. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kasithupha—Umhl.] Kwakukhona into ethize ayeyitholile; wayengazi ukuthi kwakuyini.

²⁴³ Mhlawumbe ngezinye izikhathi uMoya oNgewele ukhuluma kuwe, ungeke nje wazi ukuthi Uyini; kodwa uyazi ukuthi Ukhona, ngendlela nje Akwenza ngayo. Indlela nje uNkulunkulu anayo yokwenza izinto; bayaWuqonda.

²⁴⁴ LoMnu. Andrews, ke, ngenkathi ngiphuma futhi ngamtshela. Futhi ngosuku lwesithathu, cishe amabili... Awu, cishe amahora amabili kusukela ngalesosikhathi, sibuyela ekhaya. Futhi ufika. . .

²⁴⁵ Lona kwakungumphakathi lapha, ngalesosikhathi. Uza enqamula lapho. Babembizile, bathi, “Umkakho uyafa.” Bathi, “Unokugodlozela kokufa emphinjeni wakhe. Kungcono uze.”

²⁴⁶ Futhi nangu ebuya, edumele konke. Wathi, “Mfowethu Branham,” wathi, “udokotela uthe uzofa.” Wathi, “Ukhona laphaya manje. Uthe, ‘Uzofa.’”

Ngathi, “Kodwa iNkosi uJesu ithe, ‘Uzophila.’”

Wathi, “Awu, kungenzeka kanjani... Uma efa, angaphila na?”

Ngathi, “Useyaphila vele.”

²⁴⁷ Haleluya! Ningaxhuxhuniswa ngu *haleluya*. Kuchaza ukuthi “akadunyiswe uNkulunkulu wethu.” Kwake kwabakhona ukusa ohaleluya abafanele bezwakale kubantu, ngokhu ukusa. Kunjalo. Akadunyiswe uNkulunkulu wethu, ngokuba onke amathunzi okufa asusiwe. Uyaphila.

²⁴⁸ Qaphelani. Futhi wathi, “Awu, manje,” wathi, “uzokwenza kanjani na?”

²⁴⁹ Ngathi, “Ngi... Akusimi engingalinganisa. Yimi nje engifanele ngikhohle lokho uNkulunkulu athe Uzokwenza.”

²⁵⁰ Ngakho-ke wayedabuke ngempela. Futhi emva kwesikhashana waphuma waya esibhedlela.

²⁵¹ Nangu ebuya, futhi nangu eza ejika ngendlu, gi, gi, gi. Ungena egijima, wathi, “Mshumayeli, uyazi ukuthi kwenzekeni na?”

²⁵² Ngase ngithi, “Ini, Mnu. Andrews?” Ngangisahlezi lapho, ngipholisha, uyazi.

Wathi, “Uyazi ukuthi kwenzekeni.”

Ngase ngithi, “Kwenzekeni, Mnu. Andrews na?”

²⁵³ Wathi, “Uvukile. Onke amanzi aphumile kuye. Wathi, ‘Ngibulawa yindlala.’” Wathi, “Bahambe bayomlandela isobho elizacile. Wathi, ‘Angilifuni isobho elizacile. Ngifuna amasoseji neklabishi elibabayo.’” Wayelambile.

254 Kwakuyini na? Kwakuyini na? Ngoba Wavuka kwabafileyo. [UMfowethu Branham washaya phezu kwepulpiti kahlanu—Umhl.] Lowo wesifazane uphuma esibhedlela engowesifazane ophilile.

Uyaphila, Uyaphila, ukunika insindiso!
Ungibuza ukuthi ngazi kanjani ukuthi
Uyaphila? Uphila phakathi kwenhliziyo
yami.

255 Kunjalo. Ufika khona lapho. Futhi ezinsukwini ezintathu emva kwalokho, ngenaba ngezinyawo zami egosini elingaphambili, ngidla uphaya weapula omnandi ukwedlula bonke, cishe, engike ngibadle. Ngani? Uyaphila. Wavuka kwabafileyo.

256 Lona wesifazane omncane ngapha, ngenkathi evuka kulesosifo sofuba, nesibhedlela sathi wayezokufa. Wahambahamba lapha, wase eyenqaba. Wayecabanga ukuthi kwakungubuhlanya, ukuba eze azobhaphathizwa.

257 Futhi ehlezi lapho ngobunye ubusuku, enemvifa enkulu, ekhaya lakhe, wayengizwa ngishumayela ezansi ukwedlula lapho, ekhaya lakhe. Ngangishumayela ngombhaphathizo wamanzi. Wavuka weza, wabhadazela endleleni eyongena enkonzweni. Futhi wayehlezi khona emuva laphaya. Futhi wathi, “Ngifanele ngibhaphathizwe.” Isigaxa esikhulu sasesivuvukele ehlonbe lakhe. UNkk. Weber, ngapha, wahamba wazithathela ingubo eshaya phansi, wase efika eyigqoka. Wahamba wangena echibini, enemfiva, iyikhulu nane, futhi wabhaphathizwa lapho njengalokho akwethembisa uNkulunkulu. Futhi namhlanje... Lokho sekuyiminyaka eyedlula. Futhi namhlanje, nanguya, ehlezi lapha, ephila, kulokhu ukusa, yingoba uNkulunkulu uyaphila futhi uyabusa, futhi Wavuka kwabafileyo.

258 Emavikini ambalwa edule yena nendodakazi yakhe wayengale eLouisville. Babeza behla ngomgwaqo; futhi kwakukhona ohluphekayo, owesifazane omdala oyisinxibi ehlezi lapho. Futhi wayenxiba. Wathi, “Nenekazi, ngicela ungisize. Ngeswele.” Wabheka ephaketheni lakhe, wayenemali eyenele ne, usheleni nozuka, ngikholwa ukuthi kwakuyiwo, ukuba bona bawele ibriji.

259 Wayehamba eya phambili. Waqala ukuhamba ehla ngomgwaqo. INkosi yathi kuye, yathi, “Manje, ngenkathi ungenasizo, Ngakusiza. Nalowo wesifazane akanasizo, futhi awumsizi.”

260 Wahamba eya phambili ethi ukuqhubeka kancane, wathi, “Nkosi, kodwa kuphela ngingusheleni nozuka. Siyofika kanjani mina nentombazane ekhaya na? Singakwenza kanjani na?”

Wathi, “Kuyini lokho kuwe na? Wena landela Mina.”

261 Uyajika ubheka emuva, ubuyela emuva. Wathi, “Nenekazi, ngiyaxolisa.” Wathi, “Nginosheleni nozuka kuphela, yilokho kuphela enginakho, okwendodakazi nami ukuba siwele ibriji.” Wathi, “Ngiyinika wena. Yilokho kuphela enginakho. Ngiyaxolisa ukuthi angisenayo enye.”

Sathi, “INKosi ikubusise, ndodakazi yami.”

262 Waphenduka, waqala ukuhamba aqhubeke. Indodakazi yakhe yathi, “Manje, mama, sizokwenzenjani manje na?” Wathi, “Yonke itrafiki, kuzoba yingozi ukuwela lelobriji.” Wathi, “Asisakwazi ukuwela ebrijini manje.”

263 Wathi, “Angazi. Ungitshela ukuba nginikele ngayo, futhi yilokho kuphela ebenginakho.”

264 Ehla ngomgwaqo, futhi kwathi ngaleyonkathi nje kwenzeka wabheka. Indodakazi yakhe yathi, “O, mama, awubheke! Nanku uzuka.” Futhi kwenzeka wabheka, wayesethi, “Futhi nanku usheleni.”

265 Kuyini na? Indlela nje Enza ngayo izinto. Usenza sazi ukuthi Ukhona.

266 Lapha kulelihlobo eledlule, ngangiphumile, imihlangano. Umkami uyangena, wathi, “Billy, ngifanele ngibe nesheke. Kufanele ngithole igrosa.”

267 Omunye umshumayeli omdala uyafika lapha, wathi, “Mfowethu Branham, anginamali.” Wathi, “Nge—ngephukelwe. Ngifanele ngiye eTexas.” Wathi, “Ngi—ngizokukhokhela ngelinye ilanga uma ngiphumelela.” Wathi, “Ungangisiza, ungisize na?” Wathi, “Ngifuna amadola angamashumi amahlanu.”

268 Ngehlela ebhange, ukubona ukuthi nganginayo yini. Awu, ngangine nje—nje cishe ikhulu, ngakho ngaya ngale ngase ngimnika amadola angamashumi amahlanu ayo. Wayithatha wase ehamba.

269 Izinto ezincane ziqubuka, niyazi ukuthi kunjani. Unkosikazi wathi, “Billy, ngifanele ngibe nesheke kulokhu ukusa, cishe amadola angamashumi amabili, ngifanele ngithenge igrosa.” Sehla sayithenga igrosa.” Siyabuya. Wakhohlwa amaqanda. Sasingawatholi. Ngakho ngacabanga, “O, he, awu,” ngacabanga, “mhlawumbe omunye umuntu uzokwenza into ethize.”

270 Ngakho ngaya ngale, futhi ngangisiza uMnu. May, kwakuthi ukuba yi...Kwakungakabibikho-muntu endlini, futhi ngangisusa izibi ngefosholo lapho. Kwenzeka ngabheka, ngase ngibona imoto endala ingena, iza eceleni, kwase kuhlalwa phansi. Umshumayeli omdala waphuma lapho, ethe ukukhubazeka; wase eza ekhuphuka, wahlala egosini, waqhiyama. Ngacabanga, “Lowo ozihluphekelayo, umshumayeli omdala oxegzelayo; ngi—ngifanele ngiye ngale ngiyombona.”

Ngaya ngale. Ngathi, “Sawubona ekuseni.”

271 Wathi, “Unjani, Mfu. Branham?” Ngathi, “Angisho ukuthi uyangazi.” Futhi wangitshela ukuthi wayengubani. Wathi, “Ngingomunye walababashumayeli abahluphekayo.” Wathi, “Bengisenhla eCleveland, banginika upetrol owenele, ukufika lapha.” Futhi wathi, “Imoto yami endala isithi ayome phandle laphaya.” Wathi, “Kukhona into engitshela ukuthi ngize ngapha.” Wathi, “Mhlawumbe ungangisiza kancane.”

272 Ngambheka. Ngacabanga, “He, e,” uyazi. Ngacabanga, “Umfo omdala bandla.”

Ngathi, “Asibe nomkhuleko.”

Wathi, “Ngifuna kukhuleke wena. Nginenqulu embi.”

Ngase ngithi, “Kulungile.” Saguqa phansi sasesiqala ukukhuleka.

273 Ngenkathi ngiqala ukukhuleka, iNkosi yathi, “Mnike amadola amahlanu.”

274 Ngathi, “Awu, Nkosi, kusobala, Wazi konke ngakho. Wena, Uyazi noma ikhona, noma ayikho.”

Ngase ngithi, “INkosi ingitshela ukuba ngikunike amadola amahlanu.”

Wathi, “Iningi kakhulu leyo, Mfowethu Branham.”

275 Ngathi, “Kodwa Ingitshela ukuba ngikunike amadola amahlanu.” Futhi ngabhala isheke. Ngathi, “Lithathe uliyise kwaStrother’s, bazolikhesha.” Ngacabanga, “Manje ini?” Waphuma wahamba. Washayela wahamba, futhi wayesehambile isikhashana.

276 Kwakukhona indoda eyayisebenza indlu laphaya, yeza noMnu. Luther. Yathi, “Awusho, mshumayeli!”

Ngase ngithi, “Yebo.”

277 Yathi, “Uyazi,” yathi, “Ngingezikhukhukazi eziyikhulu ekhaya.” Yase ithi, “Lezozikhukhukazi ezindala,” yathi, “Ngi-ngizinika konke okokuqalisa nakho konke okunye, nokudla, futhi,” yathi, “Angikwazi ukuthola izinto zokuthi zizalele.” Yathi, “Cishe evikini eledlule, ngaguqa phansi, ngase ngithi, ‘Nkosi, uma nje Uzo—uma nje Uzokwenza lezizikhukhukazi ukuthi zizalele, ngizonikela ngohhafu wamaqanda.’” Yathi, “Uyazi, zaqala ukuzalela.” Yathi, “Ngosuku olulandelayo ngathola amaqanda ngamashumi ayisishiyagalolunye.” Yathi, “Ngi—nginekesi lamaqanda lapha, ngifuna ukukunika wona.” Amadola amahlanu, nje ncamashi.

278 Kuyini na? Nje indlela Enza ngayo izinto. Ngizama ukuthini kulokhu ukusa na? Ngizama ukusho lokhu, ukuthi, uJesu Kristu uyaphila futhi uyabusa. Uvukile kwabafileyo. Wahlephula isinkwa. Amehlo abo ayavuleka. Baqonda ukuthi kwakunguYe,

indlela nje Enza ngayo noma yini. Hamba ubhekisisa futhi uzothola, indlela nje Enza ngayo izinto, Usaphila futhi uyabusa.

Uyaphila, Uyaphila, ukunika insindiso!
 Ungibuza ukuthi ngazi kanjani ukuthi
 Uyaphila?
 Uphila ngaphakathi kwenhliziyo yami.

279 Umlayezo waKhe wawungukuthi, “Hamba utshele abafundi baMi Ngiyohlangana nabo eGalile.”

280 Umlayezo waKhe ngowokuthi, namhlanje, Uzohlangana nani. “Ngiyohlangana nani,” noma yikuphi lapho niyohlangana naYe khona. “Zanini kiMi, nina nonke enikhatheleyo nenisindwayo.”

281 Kodwa, bangane bami, njengoba labobantu bamangala, ngenkathi bezwa loMuntu esogwini, ethi, “Phosani inetha lenu.” Babengakwazi. Nalamadoda e-Emawuse, ngenkathi ehamba futhi akhuluma naYe, futhi engakwazi.

282 Futhi abaningi bethu, bangane bami, ulugejile uphawu lokubizwa okuphakeme kuKristu, yingoba asizange siqonde. Izikhathi eziningi, eNkantolo yokwaHlulela, kuyobakhona ukudumala, uma usuqonda ukuthi leyonkolo kaJesu Kristu, iletha insindiso nenjabulo nokuthokoza. Okuthiwa, njengoba uPawulu asho ezinsukwini zasendulo. “Ngendlela ethiwa ukweduka.” *Ukweduka* nguku “hlanya,” niyazi. “Ngendlela ethiwa ukweduka, ngiyikhonza kanjalo iNkosi uNkulunkulu wawobaba; ngendlela ethiwa ukweduka.”

283 Izikhathi eziningi ubona abantu ojabule nothokozayo, nabagcwele uMoya kaNkulunkulu, lapho ukuphilisa ngokukaNkulunkulu namandla nezimanga nezimangaliso kwenziwa khona. Bathi, “Ngukulutha.” Bathi, “*Yilokhu, lokho, nokunye.*” Kodwa, uma kuphela uzofunda iBhayibheli, yiNkosi uJesu Kristu. Nje awuMqondi. Nje awuboni ukuthi Ngubani.

284 Ngethemba ukuthi ngaphambi kokuba kuphele lolusuku, ngaphambi kokuba kuphele lolusuku, ukuthi Uzokwenza okuthize empilweni yakho, ukuthi uzoMqonda, nokuvuka kuzoqhuma enhliziyweni yakho, uma kungesikho ukuthi sekuvele kunjalo. Futhi kwangathi...Futhi nizoqaphela izinyoni zikhala ngokwehlukile. UJesu othandekayo ovukileyo, kulokhu ukusa, uvukile kwabafuleyo, ngakho-ke konke ukwesaba ukufa sekuphelile. Haleluya! Zinanyekwe uphawu zayofakwa oLwandle lokuKhohlwa.

285 Ngenkathi uPawulu ongwele omdala esehlela ekupheleni kwendlela, futhi wayehlezi lapho, namaketango ezongolozele izinyawo zakhe, ezongolozele nezandla zakhe; babakha isihlalo ayezoboshelwa kuso phandle lapho, ababezomnquma ngaso ikhanda lakhe. Ngenkathi bethi, “Pawulu, ucabangani ngakho manje na?”

²⁸⁶ Wathi, “Ngikulwile ukulwa okuhle, ngiqedile ibanga, ngigcinile ukuKholwa; futhi ngakho-ke sengibekelwe umqhele wokulunga, . . . iNkosi, umahluleli olungileyo, ayongipha wona ngaloloSuku; kungeyimi ngedwa, kepha bonke labo abathanda ukubonakala kwaYo.”

²⁸⁷ Ngenkathi bemkhipha bemhambisa eblokweni lapho, futhi wehlisa ukholo wakhe, wase ebeka ikhanda lakhe lapho, ukufa kwamgqolozela ebusweni bakhe ngqo. Kwathi, “Manje sengikutholile. Manje usuyesaba.”

Wathi, “O kufa, luphi udosi lwakho na?”

²⁸⁸ Wabuka phandle lapho, wase ebabona begubha umgodi, ukuba bamfake ethuneni. Ithuna elidala elinodaka lathi, “Ngizokubamba. Ngizokubumba. Ngizokonakalisa umzimba wakho. Izibungu zesikhumba zizophethuza ziphuma zingena kuwe. Ngi . . .”

Wathi, “Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na?”

²⁸⁹ Kodwa waphendulela ikhanda lakhe emuva ngaseJerusalema, o, he, “Kepha makabongwe uNkulunkulu Osipha ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu!” O, he!

²⁹⁰ Ngifanele ngifike ekupheleni kwendlela. Ngolunye lwalezizinsuku, imisebenzi yokukhandleka kwami iyobe isiphelile. Abanye benu bafana abahlezi lapha, esasidlala ndawonje, sishaya isibhakela ndawonje, sidlala izimabula ndawonje, nakho konke. Sasisengabafana ngalesosikhathi. Kodwa manje ngiqala ukuqaphela . . . Kusasa wusuku lokuzalwa kwami. Ngizobe sengineminyaka engamashumi amane—nane ubudala, kusasa. Amahlombe ami aseqala ukuyetha, nokushwabana sekuza phansi kwamehlo ami, izinwele enginazo ezisasele seziba-mpunga. Kuyini na? Kungena ukufa; kungigayela phansi.

²⁹¹ Kodwa, mfowethu, ngenkathi ukufa ngakolunye uhlangothi kusagaya, ukuPhila ngakolunye uhlangothi kwenza okusha futhi. Kunjalo. Futhi ngolunye lwalezizinsuku nonke nizoma emangwabeni, lapho belilungise khona; futhi uma ngifa ngaphambi kokuba kufike uJesu, bazocula u *Kholwa Kuphela*, “Konke kuyenzeka, kholwa kuphela.”

²⁹² Uma ubezwa bethi, “ushonile,” bese-ke bethela amagabade enhlabathi phezu kwebhokisi lomngcwabo ikhaskhethe; angishonile. Ngiyaphila, nokho, ngoba Uyaphila. Qhabo.

²⁹³ Ngolunye lwalokhu ukusa kwasentwasahlobo, lapho sekuphele konke okwakho; namabhomu ama-atomu eseliqhumisile izwe futhi alithumela ngaleya, futhi selishwibeka, iminyaka, futhi lahlanzwa, labuyiswa; namasundu ayovuka emhlabeni futhi, ukuvuka kwemvelo yonke, njengoba uNkulunkulu enza ekuqaleni. Akuyikubakho-konakala

enhlabathini. Akuyikubakho-konakala emoyeni. Namasundu, akuyikubakho-magciwane noma izifo eziyophinde zibabhidlize futhi. Izihlahla zama-apula soze zaguga. Haleluya! Uyovuka. Ngokunye okukhazimulayo, ukusa okuhle, lapho izinyoni ezinkulu zindiza zisuka esihlahleni ziya esihlahleni, uJesu uyobonakala lapha emhlabeni futhi. Futhi uma Ebonakala, “labo abafele kuKristu, uNkulunkulu uyakubaletsa kanye naYe.”

²⁹⁴ Siyovuka ekuseni ngePhasika, futhi, sihlangane nabakithi abathandekayo futhi sibabingelele. Akuyikuba yisikhathi esimnandi lesa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

²⁹⁵ Futhi ngingama ngaleya...Futhi ngibone umama wami omdala ehlezi emuva lapho kwingemuva lendlu, kulokhu ukusa, esegugile futhi enokuqhaqhazela, futhi egwele idumbe, futhi uqala ukuguga. Lapho sengingambona lapho, futhi ngithi, “Mama, ngumfana wakho lona.” Futhi ngifike lapho bese ngibona abathandekayo bami, nabangane bami abathandekayo olapha ebandleni, uMfowethu George DeArk omdadlana, bonke labo abashona phansi kuKristu Jesu. Bonke abangane bami abathandekayo, uma sebevuka, futhi ngingabonana nabo.

²⁹⁶ Futhi bese-ke ngiya ngale ngithi, “Ubani lowomfo oza laphaya na?”

²⁹⁷ “Lowo nguPawulu. Nakhu kuza uSila. Nangu uDanyeli. Nangu, nangu uHezekeli. Nampa bonke.” Futhi singahamba sehle sidabula eParadesi likaNkulunkulu.

²⁹⁸ Kuyobakhona ukuvuka kwangempela, ngokunye kwalokhu ukusa mngane. Siyohlangana nani.

²⁹⁹ Leyongane encane eyafayo, cishe *ingaka*, iyoba yintombi. Futhi iyogaxa unina, futhi ikhala izinyembezi lapho futhi ikhala, futhi idumisa uNkulunkulu ngokuvuka kwaKhe okukhazimulayo kweNdodana yaKhe, uKristu Jesu. Ngolunye uSuku olukhazimulayo, luyofika.

³⁰⁰ Sesiphilile manje ngoba sinesibambiso sensindiso yethu, uMoya oNgwele lapha, ufakaza ukuthi kukhona ukuvuka. Kunjani na?

³⁰¹ Ngesinye isikhathi ngake ngaba yisoni. Ngesinye isikhathi ngangingakaze ngime emva kwalelipulpiti. Ngesinye isikhathi wawungeke uze ungizwe ngiphakamisa iphimbo lami futhi ngithi “amen”; ngangiba namahloni ukukwenza. Kwakuyaye kube khona isikhathi lapho engangingenalo nonyembezi emehlweni ami; ngangingaba namahloni ukukwenza. Ngangingu “Bill omkhulu omubi.”

³⁰² Kodwa, ngelinye ilanga, uJesu Kristu wahlangana nami ngaMandla okuvuka kwaKhe. Wayigxoba leyonhliziyo eyitshe wayikhipha kimi. Wafaka umqondo omusha. Wafaka imvelo

entsha. Wafaka uMuntu omusha lapha. Futhi namhlanje, ngoba Uyaphila, nami ngiyaphila.

³⁰³ Futhi ngolunye lwalezizinsuku, bangane, uma sengifika ekupheleni kwendlela, njengawe nje nathi sonke, nezikhali zethu sezivithike ngempela, empini! O, he! Bukani isihlangu esidala, bukani ukuthi mingaki imicibisholo eyesabekayo kunzima ukuthi ishaye kimi. Ngisezansi lapho futhi ngizwa amagagasi engena emphefumulweni wami, ngiyazi-ke ukuthi sengisekupheleni kwendlela ngalesosikhathi. Njengomama wami nje lapho, futhi njengabo bonke abakwaBranham, uma sebehlele ekugugeni ngempela, baqala ukuqhaqhazeliswa yidumbe.

³⁰⁴ Ngifuna ukuma lapho, haleluya, ngencike endukwini, ukuphela kwendlela. Ngifuna ukukhumula isigqoko sesivikelo sami, bese ngisibeka phansi ngasogwini; ngiguqe phansi ogwini, bese ngihloma iNkemba endala ibuyele esithungwini sasePhakadeni, bese ngiphakamisa izandla zami futhi ngimemeze kakhulu. Futhi ngiyazi, lapho ngihamba esigodini sethunzi lokufa, iNkanyezi yoKusa iyophuma ukuba ikhanyise indlela. UMoya oNgcwele uyokwendlela amaphiko awo acwebezelayo ngaphesheya kwaleloJordani elinodaka olwesabekayo, bese uthwala imiphefumulo yethu ekhandlekileyo iye ezweni elingcono. Yebo, mnumzane.

³⁰⁵ Ningesabi. “Angiyikwesaba okubi, ngokuba Wena unami.” “Ukufa kusingwe ukunqoba.” Kukhona i...Ukufa ngeke kwenza lutho. Omunye umbhali washo, ukuthi, “Into kuphela uNkulunkulu ayeyenze ekufeni, Wakufaka ekalishaneni wase ekufaka amahhanisi, wase ekuhlalisa phakathi koshafu bekalishana. Futhi into kuphela ukufa okungayenza ngukudonsela ikholwa eBukhloneni boMenzi walo.” Yileyo nto kuphela ukufa okungayenza. Ngolunye lwalezizinsuku, ukufa kuyogaya lengxenyefayo.

³⁰⁶ Kodwa ngenkathi nje ngiseyingane, futhi kwakukhona umuntu ongaphezu kwemvelo owayelinde kumama, ukuba anginike ukuphila, ngenkathi ngizalwa. “Ngakho uma lelitabernakele lidilizwa, likhona eselivele lilindile eNkazimulweni,” lilungiswe ngaley, lapho okungekho-kugula noma ukuhlupheka. Futhi njengoba nje ngizalwe ngoMoya lapha, noMoya kaNkulunkulu umemeza kakhulu, “Aba Baba”; kungesimi ngedwa, kodwa wonke umuntu osezweni, ozelwe ngokusha, ngenkathi lo—ngenkathi lomzimba womoya, sisakhula emseni weNkosi yethu uJesu Kristu. Ngolunye usuku siyokweqa imingcele ngaley futhi siyoba kulowomzimba omusha, lapho okungasayikubakho-nwele olumpunga, amahlombe aqhothile, kumbe noma yini enjalo. Siyoba basha lapho, kuze kube-phakade, ngoba uJesu Kristu wavuka ngosuku lwesithathu emva kweyaKhe iresurrec-... ukuvuka emva kokufa kwaKhe, wabuyela wavuka futhi.

³⁰⁷ Uyaphila. Uyabusa. Manje, hambani nitshele abafundi baKhe. “Hambani nitshele abantu baKhe ukuthi Wathi, ‘Ngiyohlangana nani ngale eGalile.’” Ngolunye lwalezizinsuku, eGalile likaNkulunkulu, ngaleya ndawondawo, ngibheke ukhlangana naYe ngokuthula, ngoba Uyaphila enhliziyweni yami namhlanje. Ngethemba ukuthi Uyafana kini nonke. Futhi ngenkathi sisa . . .

³⁰⁸ Ngiyaxolisa ukuthi sengithathe isikhathi esiningi kakhulu lapha, amahora athi awabe mabili nje manje kuze kuqale uSonto sikole. Asikhothamise amakhanda ethu.

³⁰⁹ O Nkulunkulu oneSihawu, Mdali wamaZulu nomhlaba, mqali wokuPhila okungunaphakade, mnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, siyaKubonga, kulokhu ukusa, ngokuvuka kukaJesu Kristu. Eminyakeni ethile engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyedlula, kulokhu ukusa, lesisehlakalo esikhulu senzekile. Abantu bebewesaba ukufa ngaphambi kwalokho; kodwa, emva kokuba Esefika, khona-ke Wasusa konke ukwesaba ukufa.

³¹⁰ Futhi namhlanje Uyaphila futhi uyabusa ezinhliziyweni zethu. Wathi, emva kokuba Esevukile kwabafuleyo, Wathi, “Ngiyoba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe.” Iminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyedlule, selokhu kwaba yilesosehlakalo, kodwa, kulokhu ukusa, Uphila kabusha ezinhliziyweni zethu.

³¹¹ Sibuthene lapha, kulokhu ukusa, Nkosi, ukuba siMkhonze, ukufundisa ngeZwi laKhe, ukuzwa uMoya waKhe, ukuxhawulana omunye nomunye; nokuthi, “Ayidunyiswe iNkosi,” komunye nomunye, ngenxa yokuthi siyakholwa ukuthi Wafa wabuye wavuka futhi.

³¹² Sikholwa ukuthi kithi, kulokhu ukusa, Nkosi, ngomusa kaNkulunkulu, kubusa ukuPhila okungayikufa emizimbeni yethu yenyama. Sikholwa ukuthi phakathi lapho nguMoya kaNkulunkulu ongeke wafa, ukuthi Awusoze wafa. Futhi Une . . . Wathi, “Ngiyobapha ukuPhila okungunaphakade. Abasoze babhubha, futhi Ngiyakubavusa ngomuhla wokuphela.” Siyakukholwa, Nkosi, ngokuba singofakazi bokuvuka kwaKhe.

³¹³ Manje, Baba, sibusise usuku lonke. Busisa izihambi esangweni lethu. Futhi kwangathi namhlanje kungaba wusuku lwenjabulo.

³¹⁴ Futhi uma kubakhona labo lapha, kulokhu ukusa, Nkosi, ongakaze azalwe ngokusha, ongalwazi ulwazi lwesehlakalo sokuhlala noJesu ekuPhileni okuvukileyo, ekuPhileni okusha, lapho khona amaketango amadala nazo zonke izifiso zezinto zezwe ziwohloke khona, futhi ongazi ukuthi kuchaza ukuthini ukuba yisidalwa esisha kuKristu Jesu; O Moya Ongcwele, hamba phezu kwabo, namhlanje. Phefumulela emzimbeni

wabo, ukuPhila okungenakufa. Futhi kwangathi izinsimbi zokujabula kwaseZulwini zingezwakala, ngaleliPhasika, izindaba ezizwakalayo zesikhathi sikakhisimuzi, namhlanje, futhi kwangathi bangaphuma futhi babe yizidalwa ezintsha kuWe.

³¹⁵ Yizwa umkhuleko wenceku yaKho, Nkosi, ngokuba ngicela lesisibusiso eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Kulungile, masime. Kulungile, Mfowethu Neville.



HAMBANI NITSHELE ABAFUNDI BAM! ZUL53-0405s
(Go, Tell My Disciples)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ukuphuma kwelanga ngeSonto ngePhasika ekuphumeni kwelanga, ngo Apreli 5, ngo 1953, eTabernakele likaBranham, eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2014 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org